



SIMAMA

USHICILELO LWAMAHHALA LUKAHULUMENI WESIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI

USHICILELO 213 • APRIL 2017

UNDUNANKULU WETHULE ISABELO-MALI SEHHOVISI LAKHE



UNdunankulu waKwaZulu-Natali uMnu. Willies Thembinkosi Mchunu wethule uhlahlomali lomnyango weSilo kanye neHhovisi lakhe lokhu okwenziwa minyaka yonke uma kuqala uhlahlo mali lukahulumeni ngalesisikhathi. Umhlahlandlela olandeliwe kuloluhlahlo mali kube ukubuka umbono wehhovisi njengoba liyisibani seminyango eyahlukene kanye nokwenza isifiso sombono ka 2035. **Udaba ekhasini 3**

NGISEBENZA NGOBUQOTHO NOMA NGINGALUSIWE

SERVICE DELIVERY HOTLINE - **0800 596 596**

TO BE THE CENTRE OF GOVERNANCE, PROVIDING LEADERSHIP
TOWARDS ACHIEVING **KZN VISION 2035**



OKUNGAPHAKATHI



MAYELANA NALOLU SHICILELO

Ushicilelo lukaHulumeni wakwaZulu Natal olusemthethweni. I-Simama iqukethe phakathi kokunye izindaba, imibiko, nezimemezelzo zaHulumeni wesiFundazwe.

Ishicilelwu kabi ngenyanga.

Uma unesifiso sokuthola ikhophi yakho ithunyelelwu esikhungweni sakho esifana nesikole, umtapo wolwazi, isibhedlela, ungathintana neHhovisi likaNdunankulu waKwaZulu-Natali: 033 341 3300 noma simosenkosi.chamane@kznpremier.gov.za Liyatholakala naku: www.kznonline.gov.za

Ithimba elihlanganise iphephandaba:

Umhleli omkhulu:
Mahlathi Tembe

Umhleli wamakhasi nezindaba:
Bonga Khoza

Abezithombe eHhovisi likaNdunankulu:
Zandile Shange no Themba Mntyali

© KZN Provincial Government



ABATSHALIZIMALI BABHEKISE AMABOMBO KWAZULU-NATAL

IKHASI 4

Umhlonishwa uMnu. Sihle Zikalala ubemele uNdunankulu waKwaZulu-Natali ngesikhathi kwethulwa umsebenzi omuhle wokuphendulwa kwenoyi e-Richards Bay. Abatshali zimali amabombo bawabhekise KwaZulu-Natali njengoba imali abezenayo iwu-R4.5 billion laphaya Richards Bay Industrial Development Zone (RBIDZ).

UNGQONGQOSHE UTHUSI UJABULISE ABANTWANA ABAHLALA EMAKHAYA EZINTANDANE NGESIKHATHI SAMAHOLIDI

IKHASI 6

UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi esifundazweni saKwaZulu-Natali, uNkosikazi Weziwe Thusi, uye wachitha isikhathi sakhe ejabulisa izingane eziyizintandane ngesikhathi samaholide ePhasika endaweni yokungcebeleka eThekwini eyazi nge-uShaka Marine World.

KUZOTHUTHUKA NEZESAYENSI ESIKOLENI ESINTULAYO

IKHASI 8

Intokozo ivele yabhalwa ebusweni babafundi base New River Combined Primary, eManyaseni ku Ward eThekwini, ngesikhathi isikole sabo sivakashelwe nguNgqongqoshe wezokuBusa ngokubambisana nezindaba zomdabu KwaZulu-Natali, umhlonishwa uNomusa Dube-Ncube, ehambisana nemeya kamasipala weTheku, umhlonishwa uZandile Gumede, kulelisonto.

BEMBULWE INKUNGU NGAMABHIZINISI EZOLIMO


IKHASI 12

UmNyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali ububambe ingqungquthela ebizwa ngeAgri-B-BBEE mini summit ngenhloso yokukhuthaza abalimi ukuba basungule amabhizinisi abo nokubagqugquzela ukuba basebenze ngokuzikhanda ukuze bachume kwezolimo.

UMNYANGO UGQUGQUZELA UKULIMA NGEZEKHATHI ZONKE ZONYAKA

IKHASI 15

Kukhuthazwa abalimi ukuba balime ngezikhathi zonke onyakeni, kungabi khona lapho kuzotholakala ukuthi kunesikhathi lapho bengalimi khona.



UNDUNANKULU WETHULE ISABELO-MALI SEHHOVISI LAKHE

CUTHBERT NZUZA

UNdunankulu waKwaZulu-Natali uMnu. Willies Thembinkosi Mchunu wethule uhlahlomali lomnyango wesilo kanye nehhovisi lakhe lokhu okwenziwa minyaka yonke uma kuqala uhlahllo mali lukahulumeni nagesisikhathi.

Umlahlahllela olandeliwe kuloluhlalo mali kube ukubuka umbono wehhovisi njengoba liyisibani seminyango eyahlukene kanye nokwenza isifiso sombono ka 2035.

Sizokhumbula ukuthi unyaka wezimali ngokukahulumeni ugala mhlaka 1 kuMbasa kanti nohlaho mali lwenze ka ngenyanga esathola ngayo inkululeko ngo 1994.

abantu baseNingizimu Africa banomthethosisekelo owazalwa yilenkululeko esinayo, yikho uMongameli Jacob Gedleyihlekisa Zuma ethe usuku lwenkululeko alugujwe eMkhanyakude kulonyaka. (23 Freedom Day) Kuyo lenyanga sinomlando esinawo okwasweleka amaqhawe e ANC ukuthinta nje; Oliva Tambo, Chris Hani kanye noSolomon Mahlangu.

OkaMacingwane uphawule ngokuthi sekuphele 157 weminya kwafika abomdabo waseNdiya, kanti sekuneminya eye 107

kwazalwa Monty Naicker omunye wodokotela abalwa nobandulululo. Sekudlule 57 weminyaka athola indondo ubaba Inkosi Albert Luthuli, kanti 27 weminyaka kwakhululwa izinhlangano zepolitiki okuyile ebusayo ANC kanye ne SACP. Sesineminyawa ewu 27 akhululwa uTata Nelson Mandela kubeka uMacingwane.

Intu eyanza kuhlale kubhalwa ngomlando kusuke kwenzelwa ukuthi izizukulwane zazi sisukaphi futhi siyaphi.

Uhlahllo mali luyibeka kahle indaba yokuthi uma isimo sezimali zomhlaba sintenga kwenza nathi sibone irandi lethi liwa okudinga uHulumeni abhukule ngakwezohwebo, akhokhe imalizimboleko azithatha ebhangeni ngodla.

UHulumeni ubo esebheka ukuthi injani inhlalonhle yabantu abadla imbuya ngothi azame ukwenza isimo sibengcono ngokuthi andise amathuba emisebenzi lokho okwenza amathuba ezomnetho ukuthi asimame.

Umphathiswa womnyango wezokuKhula koMnetho, ezoKuvakasha kanye nezeMvelo uMnu. Sihe Zikalala unomthwalo osemahlolome akhe esizwa iKhomishana elicubungula isimo somnetho kanye nezinye izinhla ekuzeni nesisombululo sokwenza isimo somnetho sibengcono esifundazweni.

Umphathiswa wezoMnetho ophuma kuhulumeni omkhulu uMnu. Malusi Gigaba (minister) bazosebenziana naye okaZikalala ekuzeni namasu amasha asheshayo ekushintsheni isimo somnetho.

NjengoNdunankulu wesiFundazwe sengikhipe umyalelo wokuthi umnyango wami ufase isifociya ekusetshenizwensi kwezimali zeziintela zabantu futhi ubhukule ekwenzeni umsebenzi nasekuzezeni umbono wesiFundazwe ukute intuthuko ibonwe ngamehlo.

UHELO LOKUGUQULWA KOMNOTHO OLUKHULU (Radical Economic Transformation)

Ethula inkulomo yakhe okaMacingwane eNkulumweni yesiFundazwe kulonyaka wathi kuzobakhona uhlahllo lokuguqulwa komnotho olukhulu oluzobhekwa iminyango kahulumeni kanye nomasipala. Loluhlelo lozobhekwa ngqo izinkinga ezidala ububha obuphindaphindiwe, ukungabibiko kwemisebenzi nokuthi lezizinkinga zidalwa yini futhi yini engenziwa ukushintsha isimo sibengcono.

Loluhlelo lozolwa nokuthi intsha eningi engasebenzi ithole ukugasheka. Loluhlelo luzobhekela kakhulu abesimame kanye nentsha ukuthi bathole imisebenzi okuzokwenza isimo sisheshe sishintshe kwezomnetho.

"Ngeminyaka yavo 1950 uKwame Nkrumah waseGhana wathi abantu base-Africa abathole inkululeko nakwezomnetho ukute isizwe sikhazi ukukhula kwezomnetho ikakhulukazi osomabzhizini abancane,"ube okaMacingwane.

OkaMacingwane ucele ukuthi abasebenzi nezinyunya kanye nohulumeni kusethenziswane ekulweni nokucishwa kweziteleka ngoba uma kubanjiswana iziteleka zehlile nesimo somnetho ontengayo siba ngcono.

Yena njengomholi wesiFundazwe uziwa ekhathezikile ngokulahleka kwemiphefumulo ezimpini zamatekisi, ezeptopoli, emahostela nasezimpini zombango kulesisifundazwe osekwiwtsakavukela.

Ummeli omkhulu, Adv. Marumo Moerane uqokelwe ukuphenya ngokufa kwabantu befela ezombangazwe. Ihhovisi likaNdunankulu luzoqopho uhlalo olwaziwa ngokuthi "Lethukuthula Operation Thulumsindo oluzobhekana nezinkinga ezizokubulawa kwabantu.

Ihhovisi Likamacingwane izoqhubeka nophiko olubhekene nabasebenzi ukusebenza kwabo ngohlelo iBatho Pele, uqequeso Iwabasebenzi, ingosi ebhekene nokweliisa izintela zabantu ngomlenze izoqhubeka nokunqanda lomkhuba kanye nokufundisa umphakathi ngamalungelo awo.

Uhlalo lokuhlumelelisa kwezimalo kubantu lusazoqhubeka ngoba isizwe singene shi!! kulolugibe kwasa nje. Loluhlelo luzoba nomhlangano omkhulu (summit)KwaMashu 1-3 kuNhlangulana.

"UMzansi Africa unendlela nokwazi ukukwenza ukususa ububha kanye nokungalingani ngendlela yokuphila kulemnyaka ezayo engamashumishumi. Lokhu kudinga indlela eyahlukile...."

Ushintsho olukhulu kwezomnetho luzokwenza ukuthi isimo somnetho siguquke eMzansi lokho kuyoba izithelo eziyobonwa izizukulwne. Iminyango kahulumeni eyahlukene isebeza ngokubambisana ize ifake nomasipala, izinkamani kanye nosomabzhizini ekuhe kufukuleke isimo somnetho eMzansi.

Abaphathi zimali besifundazwe ngokuhlukanwa kweminyango kanye nomasipala benza ngokusemandeni ukuthi



UNDUNANKULU wesiFundazwe saKwaZulu-Natali uMnu Thembinkosi Willies Mchunu, ethula isabelo-mali seHhovisi lakhe

umcwaningi mabhuku abone konke ukusebenza kwezimali zesiFundazwe. Kulabo abasebenzise izimali zabakhokhi bentela budlabha, umncwaningi mabhuku ubavakashela njalo futhi abahlumelelise ngolwazi ukute benze kahle. NeHhovisi likaMacingwane linophiko olubhekwa ukusebenza kweminyango (monitoring and evaluation). Ihhovisi likaNdunankulu linezinhlelo zokuvakashela noma isiphi isikhungo ukuzobhekwa ukuhamba kwezidingongqani, naye uzozibambela mathupha kwsinye isikhathi. Operation Sukuma Sakhe usube uhlalo olulandelwa umzansi kanye namazwe angaphandle njengoba ubheka inhlalonhle yomphakathi.

Ezinhleni zaloluhlelo kunama war rooms lapho kudingidwa khona izikhalazo nezinkinga ezhlaselo umphakathi, ezempilo, ubugebengu, woonga, izimpesheni, izinhlelo eziwla nokusabala kwengculaza, onompilo njalonjalo.

"Ihhovisi likaNdunankulu lethule isabelomali sika 2017/18 esiyisamba sika R 742, 125 million.

Lesisamba sosebenza ekuqiniseni ihhovisi, ukusebenza ngobuqotho, izinhlelo zikhulumeni zokuhamisa izinsizakusebenza njalonjalo." Kubeka okaMacingwane.

(Theme for this year: "Through unity in action we can move KZN to a Prosperous future.")

Nazi izinhlelo:
Administration, R87, 281 million
Institutional development, R354, 275 million
Policy and Governance. R300, 570 million

UKUPHATHA (Administration)
Izhinhlelo ngaphansi kwaloluhlahlomali zisiza uNdunankulu, isigungu sakhe, umqondisi jikelele, abasebenza izinhlelo zonke ezithinta inkambiso yokuphatha kanye namaphroject angaphansi kohlelo lukaNdunankulu nokunye njengoba egunyazwe umthethosisekelo ukuthi aphathe ngobulingiswa nangobuqotho. Ngaphansi kohlelo Iwakhe uMacingwane

unohlelo lokungenelala ezimweni ezinjalo

Ngaphansi kohlelo IwezeNkolo kunophiko oluhlanganisa amahlelo onke ukute kukwazi ukulungiseka kwezimilo emphakathini. Ngaphansi kwaloluhlelo kunezinhllelo ezihlelele intsha njengemifundaze. Kunophiko olubhekelele izinhlelo ezilwa nobhubhane Iwengculaza.

UMnyango weNdunkulu KaZulu ungaphansi kwehhovisi likaNdunankulu. Yize lomnyango weSilo Samabandla une Trust kodwa kufanele kwazeke ukuthi singedalule konke la emapheneni ngokuhlonipha iSilo njengoBaba wesizwe.

Kunezisebenzi ezingaphansi komnyango ezibheke iNdunkulu, oNdunkulu beSilo, oBaba beSilo, amaHhashi eSilo (transport) kanye nemfuyo yeSilo. Amazinyane eSilo, Abantwana beSilo iNdunkulu yonke ikhosele ngaphansi kweSilo okusethenziswa yona inkete yokuthi iNdunkulu iphile, okunye ukuthi ikwazi iMbube ukwamukela nezivakashi zayo lokho kudinga inkence. Izwe leSilo life olwembiza njengoba bekunesomiso esihlasele izwe lonke.

ISilo sisebenza mihla le senza izidingo zeNdunkulu KaZulu. Sibeka amakhosi oselwa, senza okuhlukile okungekho kwezinye iziFundazwe njengokuthi iPhalamende lala kwelikaMthaniya ivulwa yiso iSilo uqobo. Indlu yoBukhosu baKwaZulu-Natali ivulwa iSilo. Kunalemikhosu eyavuselewa iSilo; Umkhosi woMhlanga, uMkhosi woSelwa, owaMagau, Owomama njalonjalo.

Uhlelo IwaMafa aKwaZulu Iusazoqhubeka ngoba yilo oluholnipha aMakhosi, iziNduna zempi, iziNgqalabutho zepolitiki kanye nezindawo ezingamagugu esizwe.

Laphaya esiKhumululweni sesindiza eThekwini kusazovulwa isithombe esibaziwego seSilo Shaka besekuthi esommeli waseThekwini kanye nonkosikazi wakhe Griffits kanye noVictoria Mgxenge sona ezinkundleni zemidlalo eMoses Mabhida.

EDumbe kovulwa ezamaggala oMkhonto weSizwe, bese kubuye kuhlonishwe Ntombazane Nsele wesonto IamaLuthela, kanti isikhumbuzo sokufika kwabomdabu baseNdisa ngeke salasa ngaphandle.

Ihhovisi likaNdunankulu liyakwazi ukuqoqa umthelo wamaKhasino, intela yabenza inzuso ngomjaho wamahashi neminye imithelo esondele kulokho.

OkaMacingwane esegoqa inkulomo yakhe ufisele ihhovisi likaNdunankulu kusethenziswa ukute okuhlelo ezihlelele intsha njengemifundaze. Kunophiko olubhekelele izinhlelo ezilwa nobhubhane Iwengculaza.

Ubonge iSilo, Hlanya Lomhlabathi ngokuthi bazizwe bebusisekile njengoba besebenza ngaphansi koholo IweSilo. Wabonga neNdunkulu, Amakhosi aseNdunkulu, iziNduna kanye nomphakathi ngokubambisana nokusebenzisana nathi.

Abamabhizinisi, izisebenzi kanye nomphakathi nje abasalanga ebonga uMacingwane.

Ngokusemthethwensi ubesethula isabelo mali seHhovisi ePhalamende R742, 125 million.

ABATSHALIZIMALI BABHEKISE AMABOMBO KWAZULU-NATAL

Imboni le isiza sayo siqaliwe ukumbiwa beqeda kusayina kanti kulindeleke ukuthi umkhiqizo wokuqala uqale ukwenziwa ngo 2019.

CUTHBERT NUZA

Umhlonishwa uMnu. Sihle Zikalala ubemele uNdunankulu waKwaZulu-Natali ngesikhathi kwethulwa umsebenzi omuhle wokuphendulwa kwesoyi e-Richards Bay. Abatshali zimali amabombo bawabhekise KwaZulu-Natali njengoba imali abezenayo iwu-R4.5 billion laphaya Richards Bay Industrial Development Zone (RBIDZ).

Abatshali zimali izinhlizyo zabo zithanda iKwaZulu-Natali.

Lomsebenzi uphathelene ne Titanium nokwenziwa kwamakhemikhali axutshwayo, amanye asentshenziwa ekwenzeni izinto ezehlukahlukene okuhlanganisa umuthi wokuxubha amazinyo kanye nama chips.

Umphathiswa uMnu Sihle Zikalala oNgungqongqoshe wezoKuthuthukiswa koMnetho, ezokuVakasha kanye ezeMvelo, imaya kamaspala King Cetshwayo Nonhle MKHULISI, umaya Mdu Mhlongo, inxusa elikhulu lase New Zealand uMnu. Mike Burrell, umphathi weNyanza Light Metal umnu Donovan Chimhandamba, umphathi wenkampani i-Avertana umnu. Sean Molloy kanye nosomabhizinisi abahlukene ebebesingethe lomcimbi.

U-Zikalala ophinde abengumholi wemisebenzi kahulumeni (Leader of government business), ubezoshicilela izivumelwano sokuzibophezelu kuka hulumeni waKwaZulu-Natali ekusebenzisaneni nalezizinkampani ezisebenzela eNew Zealand, eZimbabwe kanye naseGermany. Lobubudlelwano buvule amathuma emisebenzi engenza yokuthi isiFundazwe sinetsheboya elaziwa ngokuthi TITANIUM.

UMeya womkhandlu King Cetshwayo umama Nonhle Mkhulisi emukela futhi ethula ukujabula kwakhe kokuthi abatshali zimali sebekheke kulesisiFundazwe uthe "unokujabula okukhulu kuye nakabantu ekutheni, kuzohlomula abantu balesisiFundazwe emathubeni emsebenzi futhi kusimame nesimo somnotho emanha eKwaZulu-Natali."

"UMasipala i-King Cetshwayo usufana nomnyango omkhulu ovulele i-Africa kanye nomhlaba wonke kwezomnotho futhi usufana nekhaya lemikhumbi emikhulu njengoba ichwebekazi layo litholakala kulesisiFunda," kubeka umaya Nonhle Mkhulisi.

Lomasipala uthuthuka ngesivinini esikhulu kwezomnotho ngenxa yenxanxathela yamafemu akhe kuwo okwenza abantu baKwazulu-Natali bakwazi ukususa ikati eziko. Abantu abakhele lomasipala singabala abaqhamuka koShowe, Mhlathuze kanye neMalimede (Melmoth). Kusuka oThukela kuza eRichards Bay kutshalwe umoba, amahlathi, amawolitshi koNkwalini kanti ngaphansi kwalomhlaba ilapho othola khona le Titanium uma ugudla ugu. Ifemu yensimbi ebizwa ngeNyanza isithole ikhaya khona la KwaZulu-Natali. Indawo yeze Richards Bay izohlomula



kwezokuvakashu ngoba nezinto zezandla ziayatholakala, ezemvelo, umlando omuhle wamakhosi aKwaZulu kanye nolwandle oluhle okwenza abavakashi babone kukule ukuba kuyo.

"Emachubeni eNkandla, ilapho kwatshalwa khona Inkosi Cetshwayo kanti neNkosi uShaka yakhulela khona esizweni sakwaMthethwa izalwa iNdlovukazi uNandi oneliba lakhe phakathi kweShowe neMpangeni.

Kulonyaka uMongameli weZwe umnu. Jacob Zuma uthe 2017 unyaka awuhlonza njengonyaka walowo owayenguMongameli we-ANC umnu Oliver Tambo, ongabe ubezobe eqeda iminyaka eyikhulu ukuba usekhona.

UMongameli umnu Jacob Zuma ufisa ukuthi sikhumbule umnu. Tambo ngeqhaza lakhe alibamba ukuze sithole inkululeko esiyithokozelayo," kubeka umaya Nonhle Mkhulisi.

Umnu. Willies Mchunu ngomlomo ka Sihle Zikalala ubonge umnu. Rob Davies ophethe umnyango weZohwebo kanye neziMboni ngokuthi ube ngumholi onohlonze ekutheni kwenzive lolutshalo mali olungaka kulesisiFundazwe yize naye ebengekho kulomsitho ngenxa yokuxinwa eminye imisebenzi kahulumeni.

Kuphindwe kwabongwa nethimba elisebenze kanzima ukufenza lomsebenzi wotshalo mali ukuthi ubeyisasa. Lezizindaba zizokwenza ukuthi izwe lethu kanye nabatshali zimali bamazwe anagaphandle kuleli baphinde balithembe njengoba i-S&P yenze ukalo mnotho wezwe wangamuhle.

Akwithi sodwa emhlabeni emazweni asathuthuka esinesimo somnotho esingesihle. Laba abenza umklamo wesimo somnotho babona isimo somnotho

wezwe lethu sintenga ntenga ngenxa yezinto ezithile yikho besibeke phansi."

"Eminyakeni eyedlule abaholi bethu basebenze kanzima ukuhlenga lesismo somnotho ebessintenga bezama ukuza nezinhlelo zokwakha amathuba emisebenzi," ekhuluma okaZikalala kulomcimbi. OkaZikalala ubegcweli injabulo yodwa ebuka le RBIDZ eyaqala ukukhulunya indaba yayo ngonyaka ka 2009 isifika kuvuthondaba ngenkathi ebuka ngamehlo omoya esebona isiFundazwe sikhiqiza umsebenzi ozosiza umphakathi kanye nomnotho wesiFundazwe.

Lemboni izokhqiqa amakhemikhali asuselwa kwi-TITANIUM athinta izinto ezifakwa kupende, imithi yokugxubha kanye nezinto ezifakwa ekudleni (colourants for food products).

"Imboni le isiza sayo siqaliwe ukumbiwa beqeda kusayina kanti kulindeleke ukuthi umkhiqizo wokuqala uqale ukwenziwa ngo 2019. Umnyango ka mnu. Rob Davies woHwebo neziMboni kuhulumeni omkhulu ufake isamba sika R17,1 million for ukulungisa indawo kanye R900m wokuqala umsebenzi." Kubeka Sihle Zikalala

"Abantu abalinganiselwa 550 bangase baqasheke ngokuphelele uma imboni yeNyanza isisebenza kanti abawu 1 200 bangaba wusizo olungaxhuma balekelele kulemboni bese kuthi abawu 800 basebenze ngqo ekwakhiweni ngenkathi yakhiwa," kubeka umphathiswa Sihle Zikalala. "Kuze kubo manje uma sithi qaphu nje, ngokwenziwa isiFundazwe ngasohlangothini lokuvula amathuba emisebenzi, imali esayiniwe nabatshali zimali isiwu R11.9 billion ethinta izinhla ezahlukene ezithinta umnotho wesiFundazwe kanti sekunabantu

abawu 1 232 abaqashwe ngokuphelele kanti abawu 3 136 bathole ukuqasheka ngesikhathi kwakhiwa izimboni ezahlukene kulesisiFundazwe," kubeka uMhlonishwa Zikalala.

"Kulezinyangana kusuka manje R4.1 billion uzoveza amathuba emisebenzi kulesisiFundazwe angalinganiselwa ku- 868 wabantu abangaqashwa ngokuphelele bese kuthi abazosebenza kusakhiwa imboni bawu 1260," kubeka umphathiswa Zikalala.

"Civil kanye ne-electrical usuqualile kuPhase 1F khona eRichards Bay IDZ, ongu 110 hectares endaweni yezimboni khona kulomsebenzi weNyanza. Kuzobiywa lemboni ibe negede futhi nomnumzane lo wentela naye uzothinteka kakhulu kulomsebenzi.

Umgwaqo nawo uzokhulisa ngenxa yokwanda komthamo wezimoti ezizohamba kulomzila. Izitimela azizusalala nazo ngoba uma ubala ezokuthutha zosala kanjani njengoba lemboni isondele no Sappi nezinye. Ilinganiselwa ku R300 million imali ebekelwe uPhase 1F kulendawo.

Kulinganiselwa ngaphezulu kwamaphesenti angu 20% amathuba ahlelelwel osomabhizinisi abancane ukuze nabo bahlomule njengosonkontileka abancane abazosebenza ekulekeleleni ekwakhiweni kwaLemboni njengesivumelwano sokwakha nabatshali zimali (local SMMEs in line with the RBIDZ's CPG requirements that have been agreed to by the main contractors)," kubeka Zikalala

Ephetha inkulomo yakhe umnu. Zikalala uthe kungakuhle ukuthi abantu baseNingizimu Africa babasekele abaholi babo emzameni wokuletha uguquko

ezimpilweni zabantu futhi nasesimeni somnotho esibhekene naso.

UHulumeni unazo zonke izinhlelo zakuthi isizwe sonke kufanele sihlomule emnothweni wezwe ukze uma sikhuluma ngenkululeko sazi ukuthi sikhuluma ngenkululeko ethinta umnotho wezwe otholwa umuntu wonke ongapheleli kubantu abathile noma okhetha ibala elithile kulelizwe yentando yeningi.

**"Abantu
abalinganiselwa
550 bangase
baqasheke
ngokuphelele uma
imboni yeNyanza
isisebenza kanti
abawu 1 200
bangaba wusizo
olungaxhuma
balekelele
kulemboni bese
kuthi abawu 800
basebenze ngqo
ekwakhiweni
ngenkathi
yakhiwa."**

UZIKALALA UHLANGANE NEZINHLAKA UKUDINGIDA NGEBHAJETHI

SIYABONGA MAPHUMULO

UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha kanye nokoNgiwa kweMvelo uSihle Zikalala uthi kubalulekile ukuthi izinhlaka ezihlukene emphakathini zikwazi ukufaka imibono yazo ngezikulindle kwisabelo mali somnyango awuholayo. Ngenxa yalokhu, uNgqongqoshe ubi nemhlangano nezinhlaka ezifana nabahwebi basemgwaweni, osomabhizinisi abasakhula, imifelandawonye kanye nesigungu esaziwa ngeProgressive Professionals Forum (PPF) lapho obekuyoboniswana khona ngesabelo mali ungqongqoshe azosethula ekuqaleni kwenyanga ezayo. Le mihlangano eyathatha izinsuku ezimbili yayibanjelwe eMgungundlovu lapho

ungqongqoshe ahlangana khona nosomabhizinisi abancane yaphinde yadluulela eThekwini lapho okaZikalala ahlangana khona namalunga ePPF. Ekhulumu kulemihlangano uNgqongqoshe wathi kubalulekile ukuthi kufakanwe imilomo nezinhlaka ezihlukene ngebhajethi kwazise iNingizimu Afrika iyizwe elibuswa ngentando yeningi. "Siyazi ukuthi osomabhizinisi abancane babaluleke kakhulu emnothweni wesifundazwe sethu ngoba phela yibo abaxosha ikati eziko emizini eminingi ngokuqamba amathuba emsebenzi, nesaziyo ukuthi asweleke kakhulu. Ngakho-ke kumele ukuthi siylalele imibono yabo sizwe nangezinselelo ababhekana nazo ukuze sikhazi ukuzisebenza kwibhajethi yethu. Kanjalo nezinhlaka ezifana nePPF kanye neBlack Management

Forum kumele nazo zifake isandla ekutheni sihlomise intsha ngamakhono, ikakhulukazi kuleyo misebenzi ethathwa njengedinga amakhono ayimvela kancane njengezobunjinyela." Phakathi kwemibono eyavele kulemihlangano kwahlaluka ukuthi abahwebela emigwaqweni bangakuthokozela ukuhlinzekwa ngezindawo ezisesimweni zokuhweba kanjalo nokusizwa ngezimali zokukhulisa amabhizinisi abo. Emhlanganweni we-PPF kwaghamuka imibono ethi kumele aphuthumise uhlelo lokubuyiselwa komhlaba ezandleni zabamnyama kwazise lokhu kungezinye zezinto eziyophuthumisa ukukhulisa komnotho wabamnyama kanjalo nokuxhaswa kwezimboni zezokukhiqiza kanjalo nokuphuthunyisa kwezinhlelo zokusungulwa kwezimboni

zasolwandle, phecelezi iMaritime Industry kanjalo nokuvuselelwwa komnotho wasemalokishini.

Ephendula uZikalala wathi umnyango wakhe uyizwile imibono yezinhlaka futhi uyoqinisekisa ukuthi uma sekwethulwa isabelo mali sawo le mibono iyobhekwa futhi kuqhanyukwe nezinhlelo kanye namasu okuqikelela ukuthi iziphakamiso ziyalandelelwwa.

"Ezinye zezinto ezisihluphayo njengohulumeni ukuhamba kancane kohlelo lokuguqulwa komnotho ukuze uhlomulise labo ababencishwe amathuba phambili, ikakhulukazi abamnyama, abesifazane kanye nentsha.

Ngakho-ke inhloso yethu ukusebeniza inkulomo yethu yesabelo mali ukuze sikhazi ukuqhamuka nezinhlelo eziyohlomulisa abantu bakithi," kuphetha uZikalala.



UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nokoNgiwa kweMvelo umhlonishwa uSihle Zikalala

Bathweswe imiyezane abafundi baseSharks Board

■ Ngakho-ke siwuHulumeni sithe njengoba ezasolwandle zihlonzwe njengeminye yemikhakha engakwazi ukusisiza ekutheni siguqule lesi simo, nakanjani kumele intsha yethu ingene igamanxe kuzo.

SIYABONGA MAPHUMULO

KUQHUME imikikizo babodwa amananelo ngamafyo kanye nemhloome ngenkathi abafundi baseKZN Maritime Centre of Excellence edume ngeKZN Sharks Board bethweswa imiyezane ngeledlule.

Labafundi abebeqhuba izifundo emkhakheni efana nokwakhiwa kanye nokulungiswa kwezikebhe kanye nezokutshuza olwandle bethwese iziqu zabo uNgqongqoshe wezokuThuthukiswa kwezoMnotho, ezokuVakasha kanye noKongiwa kweMvelo uSihle Zikalala nokungumnyango wakhe obhekele ukusebenza ngendlela kwalesi sikhungo sikahulumeni.

Ehalalalisela abafundi uKhuzeni uthi lokhu kwethweswa kwabo iziqu emkhakheni ebithathwa njengetyabamhlophe kuphela enkathini edlule kusho khona ukuthi uHulumeni uzimisele ngempela ngokugquula isimo somnotho ezweni ukuze kuzuze kuwo labo ababencishwe amathuba enkathini edlule.

"Kuyiqiniso elingephikwe ukuthi izwe lethu libhekene emehlwani nengwadla yokwentuleka kwemisebenzi, ikakhulukazi ebantwini abasha.

Ngakho-ke siwuHulumeni sithe njengoba ezasolwandle zihlonzwe njengeminye yemikhakha engakwazi ukusisiza ekutheni siguqule lesi simo, nakanjani kumele intsha yethu ingene igamanxe kuzo."



Lapha unggongqoshe ubekhuluma ngohlelo Iwe-Operation Phakisa okuwuhlelo Iwezasolwandle namachweba olwethulwa uMengameli wezwe umhlonishwa uJacob Zuma okuhloswe ngalo ukuthi kuthuthukiswe umnotho wezwe.

Ngokophenyo olwenzwiwe ezasolwandle zingangena imali

engango R177 billion emnothweni wezwe ziphinde zidale amathuba emsebenzi acela esigidini.

Kuleminyaka esisikhombisa edlule ezasolwandle zifake uR54 billion emnothweni wezwe zaphinde zadala amathuba emsebenzi abalelwu ku 316 000.

Lokhu, ngokusho kukaZikalala, kubeka isifundazwe saKwaZulu-

Natali endaweni enhle kakhulu kwazise sibusiswe ngolwandle.

"Uma ubheka ulwandle Iwethu Iuhamba indawo engamakhilomitha angu 580 kusukela eKosi Bay ngasemngceleni waseMozambique kuze kuyoshaya eningizimu, emngceleni waseMthavuna eMpumalanga-

Kapa. Lokhu nje kukodwa kusibeka endaweni enhle kakhulu siyisifundazwe ngakho-ke yikho sithi abantu abasha abawabambe ngazo zombili amathuba avelayo okungena kwezasolwandle," kuphetha uZikalala.

"Kuyiqiniso elingephikwe ukuthi izwe lethu libhekene emehlwani nengwadla yokwentuleka kwemisebenzi, ikakhulukazi ebantwini abasha."





UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi KwaZulu-Natali, uNkosikazi Weziwe Thusi, ngesikhathi ezijabulisa nodado e-uShaka Marine World eThekwini.

■ Nangezikhathi zoKhisimusi minyaka yonke uhlale eba nesidlo esikhethekile nabantwana futhi eyala izisebenzi zoMnyango ukuba zibaphathe kahle abantwana njengoba beyikusasa lezwe.

UNGQONGQOSHE UTHUSI UJABULISE ABANTWANA ABAHLALA EMAKHAYA EZINTANDANE NGESIKHATHI SAMAHOLIDI

MINENHLE MNCWANGO

UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi KwaZulu-Natali, uNkosikazi Weziwe Thusi, ngesikhathi ezijabulisa nodado e-uShaka Marine World eThekwini. Nangezikhathi zoKhisimusi minyaka yonke uhlale eba nesidlo esikhethekile nabantwana futhi eyala izisebenzi zoMnyango ukuba zibaphathe kahle abantwana njengoba beyikusasa lezwe.

Ukuhambelo kukaNgqongqoshe uThusi kulendawo bekuvukuzokuba nesikhathi esimnandi nabantwana abahlala ezindaweni ezigcina izintandane ezakhwi uMnyango, kanye nalezo ezizimele, kodwa ezibhaliswe eMnyangweni ziphinde zithole noxhaso lukaHulumeni. Bekuyiskhathi samaholidi bonke abantwana bethathe ikhefu ngesikhathi odado bethola leli

thuba eliyingqayizivele.

Lokhu kuyingxene yemizamo yoMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi yokwenza okusemandleni ukugcina abantwana bejabule njengalabo abanabazali.

Lolu hlelo belwenziwe ngokubambisana nabase-uShaka Marine World. Lapha odado bathole ithuba elingajwayelekile njengoba baqale bakhonjiswa imidlalo enhlobonhlobo, okubalwa neyokubuka izilwane zasemanzini zidansa, baphinde bathola nethuba lokudlala ngemishini egitshelwayo.

Alisalanga nethuba elithandwa kakhulu yizingane, lokudlala emanzini kanye nokubhukuda njengoba bezifela ngakho, baphinda badlala nasesihlabathini solwandle.

Baphinde babuka nabaculi abadumile abebezonzandisa

kulendawo njengoba ihanjelwa abantu abasuka nasemazweni angomakhelwane.

Sekuyinto ejwayelekile ukubonakala kukaNgqongqoshe uThusi ejabula nabantwana.

Nangezikhathi zoKhisimusi minyaka yonke uhlale eba nesidlo esikhethekile nabantwana futhi eyala izisebenzi zoMnyango ukuba zibaphathe kahle abantwana njengoba beyikusasa lezwe.

UNgqongqoshe uThusi uthi: "Abantwana bayisibani sezwe, ngakho-ke kubalulekile ukuba baphathwe kahle ngoba kufanele babe ngabaholi bakusasa.

Nikhumbule isisho esithi inkuzi isematholeni."

UNgqongqoshe uThusi ube esepha izingane okuya ngasethunjini, wacula nabo, bathwebula nezithombe. Uphinde wabalya ukuba bazimisele

ezifundweni zabo futhi babikele

othisha uma bethola ukuhlukumeze ka ngoba uHulumeni wenza ngakho konke okusemandleni ukubagcina bethokozile, bephephile futhi lapho behlala khona.

Ukunakelelwa kwabantwana kungenye yezinto ezibaluleke kakhulu eMnyangweni wezokuThuthukiswa koMphakathi njengoba loMnyango ubhekelele ezabantwana kanye neminden, ezabaphila nokuhubazeka, ezabadala, asebehaqwe yigciwane lesandulela ngculazi, intsha kanye nabesifazane.

Ingxene enkuu yesabelomali saloMnyango siphelela kubantwana njengoba uNgqongqoshe uThusi ehlale ebonakala evula ngokusemthethweni izinkulisa kanti futhi zonke izinkulisa

kuyaqinisekiswa ukuthi abantwana bayadla futhi zikhona zonke izinsizakusebenza, okuhlanganisa nezincwadi zokufunda.

Akagcini nje lapho uNgqongqoshe uThusi njengoba lapho ehamba khona akafuni ukubona ingane egqoke inyufomu engeko esimweni esigculisayo njengoba esanda kwethula ngokusemthethweni uhlelo olubizwa nge#Sibahlesiyazethemba.

Lolu uhlelo lokusiza abafundi abaswele ngemifaniswano emishaka kanye nezinto zokugeza khona bezohlale bezethemba ngazikhathi zonke. E-uShaka Marine uNgqongqoshe uThusi ubephelekezelwa yiNhloko yoMnyango, uNkosazana Nokuthula Khanyile, izikhulu zoMnyango kanye nabasebenzi boMnyango.

"Abantwana bayisibani sezwe, ngakho-ke kubalulekile ukuba baphathwe kahle ngoba kufanele babe ngabaholi bakusasa."



UMYALEZO KANGQONGQOSHE WEZEMILO uDKT SIBONGISENI DHOLOMO NGESABELO SEZIMALI

GESABELO zimali sika-R39,5m sonyaka ka-2017/18, uMnyango wezeMpilo KwaZulu-Natal uzibophezele ukuhlinzeka umphakathi ngezinsiza zezeMpilo ezisezingeni elifanelekile, kusukela umuntu ezalwa kuze kuba uya ethuneni. Isifundazwe sakWaZulu-Natali siyikhaya labantu abangaphezudlwana kuka 11 million, kubo okuzalwa cishe abantu 220 000 unyaka nonyaka.

OMAMA ABAZITHWELE: UMnyango uthanda ukubonga omama abazithwele abawesekayo emikhankasweni yayo yokuba basheshe basondele bathole ukunakekelwa ngaphambi kokubeletha.

Kuyimanje ingxene engu 60% yomama abazithwele sebefika emitholampilo yethu engakapheli amasono angu 20 bezithwele - nokuyisifiso soMnyango ukuba senyuke lesi sibalo.

Siyaghubeka ukugubha ngentokozo ukuncipha mawala kwesivinini sokwesulela kukamama emntwaneni igciwane lesandulela ngculari (Mother-to-Child Transmission of HIV) KwaZulu-Natali ngakho belu ukushesha basondele banakekelwe bengakabelethi.

Lokhu kuchaza ukuthi noma sinabo abesifazane abakhulelwabahaqwe igciwane lengculazi, siyabaqinisekisa ukuthi bazobeletha izingane ezingenalo igciwane.

Sinxusa omama abahlolwa batholakala benalo igciwane lengculazi bekhulelweminyakeni eyedlule, banikwa imishanguzo yangesikhathi bezithwele kuphela, ukuba babuye bazohlomula ezinguqukwani esezenziwenhulumeni.

Manje wonke umuntu ohlolwa atholakale enegciwane lesandulela-nculari usekwazi ukuqala ukudla imishanguzo ngaphandle kokulinda, ngaphansi kohlelo olubizwa nge-Test & Treat. Lokhu kuseyimpokophelo yethu yokuzuza impilo ende nengenabuthakathaka kubo bonke abantu baseNingizimu Afrika.

Kamuva nje, iKwaZulu-Natali iqophe ngokunciphisa kakhulu izingane lokuhselwa yizifo nokushona kwalaba:

1. Abesifazane: Ukushona kwabesifazane abakhulelwakunciphe kusuka ku 393 ngo 2010 kwaya ku 220 ngo 2016. Ngukwehla ngesibalo esingu 40% lokhu.

2. Usana: Zingaphansi kuka 20 kulowo nalowo 1000

3. Abangaphansi kweminyaka emihlanu: Bangaphansi kuka 30 kulowo nalowo 1000.

MOM-CONNECT Enye into esisebenzela ngendlela eyisimanga wuhlelo Iwe-Mom-Connect olwethulwa nguNgqongqoshe kaZwelone wezeMpilo.

Loluhlelo lusebenzisa ubuchwepeshe bocingo Iweselula ukubhalisa abesifazane abakhulelwabahaqwe abasuke benakekelwa ngaphambi kokubeletha – okubahlomisa

ngolwazi lonke nangemiylelo edingekayo ukuze baqinisekise ukuthi bangumqemane ngesikhathi bezithwele futhi nomntwana azalwe ephile kahle.

Emuva kokubeletha, imiyalezo iguqukela olwazini ngezidindo zengane ezelwe futhi lokhu kuyaqhubeleka kuze kuphele unyaka emuva kokubeletha. Impela yonke lemizamo inemiphumela ebonakalayo ohlelweni Iwethu lokunqanda ukwesulela kukanina umntwana ngengculazi (Prevention of Mother to Child Transmission of HIV [PMTCT]).

Mayelana nalokhu siyathokoza ukunibikela ukuthi ukwesuleleka sekunciphe kusuka ku 8.6% ngo 2009/10 kwayofika ku 1.2% ngo 2015/16.

Izinga lokwesuleleka umntwana ezalwa kusukela ngoMbasa 2016 kuya kuMasingana 2017 limi ku 0.1%, kanti esikhathini esilinganiselwa emasontweni alishumi (phakathi kwamasonto ayisithupa kuya kwayi 18) izibalo zikhomba 1, 1% okuyiqophelo elibaluleke kakhulu emlandweni

SIKHUTHAZA UKUNCELISWA KWABANTWANA IBELE

Sigquqzelwa oMama ukuba bancelise ubisi Iwebele, lunikeza zonke izakhi-mzimba ezidindwa ngumntwana ukuze aphile kahle, akhule nangendlela efanele ezinyangeni eziyisithupa zokuqala. Luukethe amasosha aqinisa umzimba alwe nezifo futhi kunqandeke izifo eziwayelekile njengokuhanjisa yisisu nenhumoniya.

Zingu 13 izikhungo zokulondoza ubisi Iwebele lukamama eseisunguliwe ezifundeni eziyisishiyagalolunye ukusiza izingane ezisuke zizalwe singakashayi isikhathi ezivamise ukuncisheka ubisi lukamama ngenxa yeziyathu ezifana nokushona konina ngesikhathi bebeletha noma uma onina begula kakhulu ukuba bangakhiqiza ubisi.

Siyabonga kulabomama abazimisele ukunikela ngempilo engcono ebantwaneni babanye omama. Malibongwe.

EKZN, ngenxa yalabomama, siyazibophezelwa ukupha zonke izingane ezisanda kuzalwa ubisi Iwebele. Ngenxa yalemizamo, sesikwazile ukwenyusa isibalo sabancela ubisi Iwebele sisuka ku 22.5% ngo 2008 kuya ku 50.2% ngo 2014/15 kuyoshaya ku 54% ekupheleli kukaMasingana 2017.

Ezingeni lomphakathi sesisungule izikhungo zikaPhila Mntwana ezingu 1 093 ngenhlosu yokusondzelwa eduze kakhulu nemiphakathi izinhlelo zezempiro zokunakekelwa kwezingane ezinqanda okungazigulisa ziphinde zikhuthaze ukunakekelwa kwempiro.

Kulezi zikhungo, izingane ziyaholwa ukuthi zondlekile yini, kubhekwe isifo sofuba, ingculazi nesandulela sayo nokunye okuyizifo okuphatha izingane okungavikeleka.

Lezi zikhungo zikhuthaza futhi ukuthi abantwana banceliswe kutholakale nalezo ezingagonyiwe.

Kuphele uZibandlela 2016, sekuhlolle izingane ezingu 322



UNqongqoshe weZempiro KwaZulu-Natal uDkt Sibongiseni Dhomo

169 ezikhungweni zikaPhila Mntwana, kuzo ezingu 45 746 zedluliselwe ezikhungweni zezempiro zathola usizo eMnyangweni wezeMpilo nakweminye iminyango ekweminye imikhakha.

Kasithokozile neze ukuthi naphezu komsebenzi ongaka kahulumeni wokufinyelela kubantu ngohlelo Iuka-Operation Sukuma Sakhe (OSS), sisaphunduleka ekufinyeleli kwababulawa yiphango, abangondlekile ngendlela efanele.

EZEMILO EZIKOLENI

Ukubhekela abantwana abasafunda ezikoleni, uMnyango usujube amaThimba ezeMpilo eziKoleni angu 207 aholwa umhlengikazi oqeqeshiwe osebenza nomhlengikazi osaqeqeshwa kanye nomsizi womhlengikazi.

Umsebenzi wabo omkhulu wukubheka okungahle kube yizithiyo ekufundeni komfundu, njengokungaboni kahle, ukuzwa, izingqinamba mayelana nokuphazamiseka komqondo ngenxa yeziyathu zenhla nokukhinyabekwa emzimbeni, ukubala nje okumbalwa.

Kulonyaka odlule nje wezimali uwodwa, IamaThimba ezeMpilo eziKoleni afinyelele ezikoleni ezingu 6 000; abonana nabafundi abantu 143 776 bakwaGrade R kuya kuGrade 10.

Sesakhe nohlelo i-Child and Adolescent Mental Health Sub-Speciality Programme olusiza ukuhlola bese lunakekelwa izingane nabantu abasha abanokuphazamiseka emqondweni okuyinto evamile ngendlela yesimo senhlales esingesihle entsheni kulesi siFundazwe.

Kuze kuge manje, bangu 102 294 abantu abasha abaneminyaka

engaphansi kuka 18 asebeholiwe futhi abathola usizo ngenxa yezingqinamba zokuphazamiseka emqondweni.

Ngoholelo Iwethu lokunakekelwa komlomo namazinyo (Oral Health) sesakhe ubudlelwano bokusebenziana nenkanpani yakwaColgate Palmolive esisiza ngezinto zokuxubha amazinyo.

Ukunakekelwa amazinyo ezinganeni kunganciphisa amathuba esifo senhliziyo ngokuhamba kweminyaka, kanti ngalombhidlango bangu 50 718 abafundi ababambe iqhaza ohlelweni lokuxujwa kwamazinyo ezikoleni.

UMKHANKASO WOKUGOMELA UMDLAVUZA WESIBELETHO

Ukuhlinzeka amantombazane kaGrade 4 aneminyaka eyisishiyagalolunye nangapehulu, sesiqale uhlelo lokugomela umdlavuza wesibeletho i-Human Papilloma Virus (HPV) njengendlela yokunqanda umdlavuza wesibeletho (okungenye yeziybangela ezinkulu zomdlavuza wesibeletho kwabesifazane eKZN).

Ngomzuliswano wokuqala ngoNhlojanja/Ndasa 2016 sikwazile ukufinyelela engxenyeni engu 85.6% yezikole zesiFundazwe, kwathi ngomzuliswano wesibili safinyelela engxenyeni engu 68.5% wezikole.

AmaThimba ezeMpilo eziKoleni asebenziana namaThimba ezeMpilo yoMndeni angu 141, abuye aziwe ngamaWard Based Outreach Teams (WBOTs) asesunguliwe emawadini futhi aseyasebenza esiFundazweni.

Zonke izifunda sezinawo lamathimba asibalo sawo sisukela kwayisikhombisa oGwini kuyofika kwangu 31 eThekwini.

UHLELO LOKUHLOLELWA IGCIWANE LESANDULELA NGCULAZI NESANDULELA SAYO MAQEDE WELASHWE NGALESOSIKHATHI

Njengendlela yokuNciphisa uMthwalo weziFo, kuhilwe isikhathi eside, iNational Development Plan iphinde ithi abantu mabasheshe bafakwe ohlelweni Iwemishanguzo yabo bonke abaphila nengculazi.

Ngiyathokoza ukubika ukuthi ngomhlaka 1 ku-Zibandlela 2016, njengesiFundazwe samukele sase siqala ukusebenzisa uhlelo Iwe-Universal Test and Treat ngokugunyazwa nguMnyango kaZwelone wezeMpilo. Ngayo yodwa nje inyanga esiqale ngayo, iziguli ezingu 31 157 ziqale ukudla imishanguzo okuyisibalo esiphindwe kabili kwesejwayelekile ngenyanga.

Ukulwenza lusebenze nakangcono loluhlelo, uMnyango usebenziana kakhulu nabelaphi bomdabu abangamanxusa namashoshozela oMnyango.

Lokhu kwenzeka ngokusebenziana esinakho nenhlango ebizwa nge I-Teach, okuyisu eligxile emphakathini lokuhlolela igciwane lengculazi ngokusebenza nabelaphi bomdabu ukuvula amathuba okuhlolwa, kuiqinisse ngasekunakekeleni bese kutholakala indlela yokubhekana

nokutheloleka igciwane.

Sihlela ukuba nenkundla yokucobelelana ngolwazi nabelaphi bendabuko ukuze sigxilise ngokushesa lomqondo weTest & Treat. Ngayo yonke lemizamo, iKwaZulu-Natali kumanje inabantu abantu 1, 160 666 abasohlelweni Iwemishanguzo.

Abahlengikazi bethu abantu 3 908 abaqequeshehwe ngoholelo iNIMART bayaqhubeka nokuqinisekisa ukuthi zonke iziguli kuwo wonke amagumbi esiFundazwe eseziqulungele lokhu ziyaqakwa kuloluhlelo.

Ngapezu kwalokhu, njengohlelo olusha, sesisebenzisa namathimba ethu ezempilo angomahambanendlwana ukuletha usizo Iwemishanguzo, kanti sesingakuveza ukuze angu 43 avele asequalile ukusebenza.

Emtholampilo iPrince Mshiyeni Gateway sihlinzeka ngosizo lokunakekelwa mayelana nengculazi nangezinye izidindo zempilo emadodenli alala namanye, okuyisikhungo esahanjelwa nguSir Elton John ngesikhathi kuhleli iNgqungquthela yoMhlaba yeNgculazi.

Siyababonga nabasebenzi bethu ngokuba kwabo nozwelo ukusiza abadinga usizo abahambela lesi sikhungo sethu.

EThekwi naseMgungundlovu kuhlolwa ukusebenza kohlelo Iwe-PrEP (HIV Pre-Exposure Prophylaxis) njengombukiso wendlela okuzosetshenzwa ngayo njengoba kulungiselela ukuqalwa koHlelo IukaZwelone IwabaThengisa ngemizimba (National Sex Worker Plan).

"Zingu 13 izikhungo zokulondoza ubisi Iwebele lukamama eseisunguliwe ezifundeni eziyisishiyagalolu nye ukusiza izingane ezisuke zizalwe singakashayi isikhathi ezivamise ukuncisheka ubisi lukamama ngenxa yeziyathu ezifana nokushona konina ngesikhathi bebeletha noma onina begula kakhulu ukuba bangakhiqiza ubisi."

Umyalezo kaNgqongqoshe wezeMpilo uDkt Sibongiseni Dhlomo ngesabelo sezimali

Uhlelo lokukhishwa
nokusatshalaliswa kwemithi yezifo
zamahala khona (**CENTRAL CHRONIC MEDICINE DISPENSING AND DISTRIBUTION (CCMDD) PROGRAMME**)

Ekuphokopheleni kwethu ukuqinisa iZinhlelo zezempi nokuphucula izinga lokunakekela ngakwezempi, ikakhulu ezigulini ezinezifo ezingelapheki, uMnyango wethule wabuye wasabalalisa uhlelo lokukhishwa kwemithi yalezifiso kuzo zonke izifunda ezingu 11 zaKwaZulu-Natali.

Lengqayizivele yohlelo inciphisa izikhathi zokulinda ukuthola imithi okuvame ukuhambisana nezindleko zokugibela kanti yenza kunciphe nokuminyana ezhungweni zezempi.

Kuze kube manje, bangu 619 200 abantu abasizakala ngaloluhlelo, kanti lesi sibalo sikhula zonke izinsuku. Lufaka ukuhlinzekela iziguli ezingabambekile kakhulu ezidla imithi yezifo ezingelapheki, okubalwa kuzo umfutho wegazi ophezulu, ushukela noma ingculazi okuyifiso ezingadgingi ukubonana nesibenzi sezempi zonke izinyanga. Kufaka nokugoka izizinda eziseduze nalapho abantu behlala khona abangayilanda kuzo imithi yabo.

Loluhlelo Iwaqala ukusetshenziswa eMbuthweni wezokuVikela waseNingizimu Afrika lapho engalubona lusethenziswa khona ngesikhathi ngisebenza oPhikweni IwezeMpilo IoMbutho wezeMpilo waseNingizimu

Afrika ngo 2003.
Embuthweni wezeMpilo, kwabonakala ukuthi amasotsha adinga ukutshalwa ezindaweni ezechukene, okukhona kuzo nalapho isuke ibambene khona ngaphandle kwemingcele yezwe futhi okungeke kwenzeke ukuba lawo masosha afike siqu nyanga zonke azobhekwa. Ngakho kwaqalwa uhlelo lokuba ukutholakala kwemithi yavo kuqondane nezinhlelo zokujutshwa kwavo. Lwasebenza futhi kusaqhutshewa nalo namanje. Nathi sesikubonile lokhu eMnyangweni wethu, okungukuthi, cishe ingxenye engu 60% yemithi elandwa ngencwadi kadokotela emakhemisi nasemitholampilo yomphakathi ngeyezifiso eziphethwe yizifo ezingelapheki

kodwa futhi ezingaguleli ukufa.

Lezi yiziguli ezingadingi ukubonwa yisibenzi sezempilo njalo nje kwazise sekwedlule izinyanga ezingaphezulu kweziyishiyagalombili zingangalenzi iputha.

Sesivule izikhungo ezingu 598 zokulanda lemithi kuso sonke isifundazwe futhi sisahlela ukwenyusa isibalo sifinyelele ku 746 ngasekupheleni konyaka wezimali ka 2017/18.

Ukugcizelela nje, ukusetshenziswa kwaloluhlelo sekuvele kusiza kakulu ukwenza lokhu:

- Ukunciphisa ukuminyana ezhungweni zezempi kwabantu abangabambekile kakulu okuvula ithuba nesikhala ukuba izibenzi

zethu eziqegehiwe zisize abasazoqala ukwelashwa;

- Kunciphisa isikhathi sokulinda kwabazolanda imithi;
- Kuphuma zaiziguli umthwalo wokuhamba amabanga amade ziyolanda imithi yezifo ezingelapheki, kanti okubalulekile,
- Kunqanda ukuba abanye abantu bangade benyokoza isiguli ngoba phela aekho osuke azi ukuthi usakazana nosakazana wemithi umuntu awuphethe uquketheni kwazise loluhlelo iuhlinzekela ingxubevange yeziguli, okubalwa kuzo ezingeciwanne lengculazi nanezinye izifo ezingathathelwana.

KUZOTHUTHUKA NEZESAYENSI ESIKOleni ESINTULAYO

SinguHulumeni wentando yabantu sizibophezele kakhulu ukuba sithuthukise izinga lemfundo yesifundazwe sakithi, ikakhulukazi ngokuba sithuthukise izikole zasemakhaya.

VERNON MCHUNU

ntokozo iveau yabhalwa ebusweni babafundi base New River Combined Primary, eManyaseni ku Ward eThekwini, ngesikhathi isikole sabo sivakashelwe nguNgqongqoshe wezokuBusa ngokubambisana nezindaba zomdabu KwaZulu-Natali, umhlonishwa uNomusa Dube-Ncube, ehambisana nemeya kamasipala weTheku, umhlonishwa uZandile Gumede, kulelisonto.

Okwenze abantwana babonakale begajwa yinjabulo wukuthi abaholi laba bafike bengalambathi, kepha befumbethe izipho ezhizokwelekelela lababafundi ukuba bathuthukise ulwazi Iwabo Iwemfundu kanti futhi bakwazi ukukuqonda kangconywana kunakuqali lokho abakufundiswayo, ikakhulukazi emkhakheni wezesayensi.

Ngaphansi kohlelo lukahulumeni lokuba kuhlolwe nxashane kuvulwa izikole ukuthi izinto zonke zihamba ngokohlelo Iwezemfundu, abahlionishwa u-Dube-Ncube kanye noGumede bafike eNew River banikezelu kubafundi ngomtapo wolwazi ohambisana nezinsiza zokufunda ezesayensi.

"Kuzokhumbuleka ukuthi abafundi ikakhulukazi basezikoleni zasemakhaya bakhunethwe yinkinga yokuntuleka kwezinsiza-kufunda."

Isifundo sesayensi nje, singesinye salezo ezidinga ukuba ethi umfundi esechazeliwe ngencwadi bese ekwazi ukubuye akubone lokho okuchazwa

encwadini sekwenzenka ngempela. Kodwa ngenxa yokuntuleka koxhaso kulezizikole zasemakhaya, abafundi bebelokhu bethwele kanzima, nobekubenza basilele emumva lapho sebefunda emazingeni aphakeme sebencintisana nozakwabo abavela ezikoleni ezincono," uchaze kanjena uDube-Ncube.

"Kuthe-ke ngoba uthishanhloko wesikole ubeseka wasilobelwa singumnyango enxusa uxhaso lomtapo wolwazi kanye nalezinsiza kufunda isayensi, sabe sesizama ukuba sibatholele lababafundi. SinguHulumeni wentando yabantu sizibophezele kakhulu ukuba sithuthukise izinga lemfundo yesifundazwe sakithi, ikakhulukazi ngokuba sithuthukise izikole zasemakhaya nokuyizona ebezinganakiwe ngesikhathi kusaphetho ohulumeni ababekhona ngaphambi kuka 1994," kusho unggongqoshe, obe eseonga inkampani iConlog nokuyiyona elekelele ngoxhaso.

Umeya uGumede uthe ukubekela ezingeni elincono kwezemfundu kuzona zonke izikole ezingaphansi komkhandlu wetheku njengayo iNew River, kuzoba nomthelela omuhle ekuthuthukiseni izinga lenhlalo kanye nomnotho weTheku.

"Ngezikole ezisezengeni lemfundo engcono, sizokwazi lapha eThekwini ukuba nentsha efundile ngoba intsha yakithi izophasa kahle ithole imifundaze kanti futhi leyo efuna ukuziqalela amabhizinisi, izokwenza kalula lokho kwazise

phela izobe inolwazi olunzulu lokwenza umsebenzi njengoba izikole zizobe zisezingeni eliphusele lokubacija besesemazingeni aphansi, njengoba nesizulu sisho ukuthi lubunjwa luseva," uthasisile kanjena uGumede.

"Kodwa ngenxa yokuntuleka koxhaso kulezizikole zasemakhaya, abafundi bebelokhu bethwele kanzima, nobekubenza basilele emumva lapho sebefunda emazingeni aphakeme sebencintisana nozakwabo abavela ezikoleni ezincono."



Kube yintokozo yodwa kubafundi basesikoleni iNew River Combined Primary eNanda, ngesikhathi uhulumeni ubaxhasa ngomtapo wolwazi kanye nezinsiza kufunda umkhakha wesayensi.



"Kuzokhumbuleka ukuthi abafundi ikakhulukazi basezikoleni zasemakhaya bakhunethwe yinkinga yokuntuleka kwezinsiza-kufunda."



AKA SIVULE AMEHLO NGOBUNGOZI BUKASAWOTI

SIFISO MTSHALI

ENYE yezipto eziyishwa ngempilo yesimanje ukuthi izinto eziningi ezenziwa ngabantu ngenhloso yokuzithokozisa, kugcina kuyizo kanye ezidala umonakalo ezimpilweni zabo.

Ukwenza isibonelo nje, nakuba izingozi eziningi zomgwaqo zidalwa amaphutha abashayeli, iqiniso ukuthi abantu abaningi baqala ngokuzijuxuza "ebumnandini", badle amanzi amponjwana, izidakamizwa - noma kokubili - maqede bashayeze izimoto.

Lokhu kudala izingozi, bese kudlula imiphefumulo ngokungenasidindo.

Lokhu kuzogqama kakhulu njengoba sizoqala impelasonto ende yamaholide ePhasika.

Ngokunjalo, uma sidla, sincoma ukudla sithi "akumnandi kwehla esiphundu", kaningi uthola ukuthi lokho esisuke sincoma ubumnandi kwakho, kusuke kunosawoti, ushukela noma amafutha amanangi ngokweqile – nokuyikho okubeka izimpilo zethu engcupheni.

Kanjalo abantu uma bethi bayozithokozisa kumbe bethi babusile emcimbini mumbe, ngokuvamile basuke begcine ngophuzo kanye nezibiloboco ezinosawoti oweqile namafutha. Ngokusho kwabeNhlango yezeMpilo yoMhlaba, isikali

sikasawoti esidliwa wumuntu akufanele seqe ku-5g ngosuku.

Phezu kokuba izithako zokwenza ukudla zijwayele ukuba nosawoti, uma kudliwa ekhaya, emcimbini nasezindaweni zokudlela, kuhlale kunesitsha sikasawoti wokwengeza ogqokweni.

Nasekudleni okudayiswa emasuphamakethe, amaphakeshana kasawoti awasali uma sekupakishwa ukudla kwendlela ezikhwameni.

Konke lokhu kusiholesa ophathe ngoba sigcina sesidla usawoti noma singawudingi bese seqa esikalini esibekiwe.

Ngexa yokusebenzisa usawoti omuningi kakhulu singena ogiben iokuphenduka izisulu zezifo eziyingozi ezifana nomfutho wegazi ophezulu, isifo sohlangothi nesifo senhliziyo, ukubala nje ezimbalwa.

Empeleni, ongoti bezempilo bathi ukudla okuningi okuthandwayo okufana nesinkwa esimhlophe nesinsundi, ibhotela, ophaya, amasosiji, amaviyena, inyama eyosiwe, isobho ne-atchar yikho kanye okujwayele ukuba nosawoti ngokweqile. Kanjalo nenyama yenkuhlu ethosiwe, neyenkomono enonile, ushokoledi, amachips, amazambane, ipizza, kunobungozi bamafutha amanangi ngokweqile.

Uma singake sivule amehlo sehlise usawoti, ushukela



sibhekene nengcindezi enku yokuhlaselwa yizifo ezithelelayo nezingathathelani.

Kulezifiso singabala ezingamahlalakhona (esikashukela, esomfutho wegazi ophezulu, umdlavuza, esohlangothi, izinso, ukubala nje ezimbalwa); yinhlanganisela ye-HIV, TB ne-AIDS; ukushona komama uma beyoteta kanye nabantababo; kanye nezigameko zokuhlukumezeka ngenxa yokulimala ezingozini zomgwaqo nokulinyazwa ngezikhalu ezinhlobonhlobo.

Lengcindezi yezipto idla enku imali yenze kuba nzima nakuhulumeni ukuba ahlinzeke umphakathi ngezinsiza ngokufanele njengoba izikhungo zezempiro zigcwele zipuphuma.

Ngokubambisana singasiguqula lesismo. Izifo ezingamahlalakhona singazinciphisa ngokuzijwayeza ukuzivocavoca, sivakashele nasemtholampilo okungenani kanye ngonyaka ukuze sithole ukuholowa. Kodwa ukhiye wempumelelo kulokhu ulele ekutheni sidlani, futhi siphuzani.

Nakuba kungelula ukukala njalo izinga likasawoti ekudleni uma sidla, sesifikile, singaqala ngokuzijwayeza ukufunda amalebulu okudla esikuthengayo siqinisekise ukuthi izinongo zakho

zinamazinga aphansi e-sodium, noma usawoti. Kuthiwa uma i-sodium ibalwa nezinongo zokuqala ezintathu ekudleni, lokho kudla kunobungozi. Zikhona futhi izinongo zokudla eziphephile esingazisebenzisa ukwenza ukudla kube mnandi njengogalikha, ujinja nemifino.

Singazijwayeza ukunciphisa isikali sikasawoti ngokususa izitsa zavo etafuleni.

Lokhu kungasiza nabantabethu ukuthi bakhule bejwayele ukunambitha isikali sikasawoti esingekho phezulu ukuze bahalele bephilile.

Ukuze sibe yiszwe esiphilile, kuzobaluleka ukuba sithathe izinqumo eziphusile ngesikufaka emlonjeni ngaso sonke isikhathi - kisuka kwesikudlalo kanye nesikuphuzayo.

Uma sidla ukudla okunosawoti, ushukela noma amafutha amanangi, kanye nophuzo oludakayo nezidakamizwa, nakanjani sizoqhubeka nokuba nezinkinga zezempiro.

Asikhumbule-ke, intuthuko ebheke esimweni sezempilo esingcono ilele kithina.

Ushintsho luqala ngami nawe.

*UDkt Sifiso Mtshali uyiNhloko yezeMpilo KwaZulu-Natali

OwezeMpilo ulwa nabaMeli abazingela amademeshe

NGENXA yokubona iqina indaba yokukhempa kwabameli ezibhedlela, befuna ukunxenxa iziguli ukuba zimangalele uHulumeni ukuze zithole izinxephezelo bese bethola imali kuzo, uMnyango wezeMpilo KwaZulu-Natali usunqume ukusungula uphiko Iwavo, iMedical Litigation Unit, ezoba nabasebenzi bezempilo nezazi zomthetho. Mayelana naloludaba, uMnyango usuthumele isicelo kuSomlomo ukuba uzochaza kabanzingalolu daba.

Ngesikhathi ethula isabelo-zimali saloMnyango, uNgqongqoshe uDkt Sibongiseni Dhlomo uthe: "Sesilwendalile udaba esiGungwini esilawulayo.

Omunye umsebenzi walolu phiko kuzoba ngukucwaninga izicelo zamademeshe esezafakwa, ezisasetshenzwa kanye neziseza.

Ngalendlela kuzoboniswa ukuze kushehe kufinyelwe ezixazululweni, kutholakale nendlela yokunciphisa izindleko zokwelashwa zesikhathi esizayo.

Lokhu kuzosisiza kakhulu ukuze kuge nendlela eyodwa yokulandela umgomu wokulondolozwa kolwazi

ngokusuke kwenzekile, futhi kuge nendlela yokusabalalisa ulwazi ngamagama alabo abasuke bemangalele uMnyango udaba Iwabo olusuke seluphothuliwe (ukuze kugwenywe ukuba baphinde bakhokhelwe)."

Uthe lolo phiko Iuzokwazi futhi ukuxhumana nongoti asebathatha umhlalaphansi emikhakheni ye-Obstetrics; Paediatrics neRadiology neminye ukuthi kusethenzwe nanabo.

"Uphiko Iuzokhuthaza ukusebenziana kangcono phakathi koMnyango wezeMpilo nongoti kwezomthetho ekutholakaleni kwemininingwane esuke idingeka.

Luzobe selucubungula lembhalo ngehlo lomthetho nolwezempilo, bese-ke okubalulekile, Iwethula elikutholile kubaphathi, okusho iLungu IesiGungu esilawulayo, iNhloko yezeMpilo nabanye, bese kunqunywa ukuthi kuyavunywa ukuthi likhona iphutha, kuboniswane noma lololada luliwe."

Uthe uMnyango usunqume nokuphucula indlela yawo yokubhekana nezikhalazo

okuzohambisana nokuthi ezibhedlela kufakwe izincingo ezingakhokhelwa, kumaCall Centres, kuqashwe abantu abanolwazi ngezempilo futhi kwakheke indlela yokubika ngokusenzeka noma osekwenzekile.

"Kusuka manje, zonke izibhedlela zethu nezikhungo zezempiro zomphakathi sezizoba namakomiti abhekene nezigameko ezingezinhle, azame ukuthola ukuthi kwenzenkeni ngomqondo wokuthi kunqunywe ukuthi kuyaboniswa, kuzanywa ukuxazulula noma uMnyango uayazivikela kulolo daba."

UNggongqoshe weZempilo KwaZulu-Natal uDkt Sibongiseni Dhlomo



RAPE IS A CRIME

365 Days Anti-Women Abuse Campaign

UKUDLWENGULA KUYICALA

#NOCONSENTNOSEX





UNGQONGQOSHE OWEZOBUCIKO, AMASIKO, EZEMIDLALO NOKUNGCEBELEKA KANYE NOWEZEMFUNDO BANGENA ESIVUMELWANENI

■ Ucwango luyasifakazela ukuthi ingane ezibamba iqhaza kwezemidlalo umsebenzi wezandla kanye nomculo wamakhwaya esesikuvuselela zibamba kangcono ziphumelele ngamalengiso nasezifundweni

STHEMBISO SHANGASE

Ubulelwano phakathi kweminyango emithathu KwaZulu-Natali oWezobuciko Namasko, oWezemidlalo Nokungcebeleka kanye noWezemfundo buqale phansi ngesivumelwano esisayinwe ngoLwesihlanu lomhla ziyi 7 ku April 2017 eThekwini.

ONgqongqoshe abibili kulesifundazwe oWezobuciko Namasko Ezemidlalo Nokungcebeleka uNkk Bongiwe Sithole-Moloi kanye nomlingani wakhe Wezemfundo uMnu Mthandeni Dlungwana basayine isivumelwano songena ezikoleni kusetshenziswane ekukhuliseni izingane kwezobuciko nezemidlalo. UNgqongqoshe umaSithole-Moloi uthi ukusebensana phakathi kwaleminyango akuyona into entsha sha kodwa kuyinto esivele iqbube ka nangaphandle

kwesivumelwano. "Okusha ngalesivumelwano ukuthi sesifake nezobuciko namasko phakathi kanti ebésivele sikhona besigxile kwezemidlalo kuphela", kuchaza umaSithole-Moloi.

Ngokwalesivumelwano kusho ukuthi sekulindeleke ukuthi zonke izikole zakulesifundazwe zivule iminyango ukuze ezemidlalo nezobuciko namasko zibe Yingxene yohlelo lokuthuthukisa amakhono nemiqondo yabafundi.

"Ucwango luyasifakazela ukuthi ingane ezibamba iqhaza kwezemidlalo umsebenzi wezandla kanye nomculo wamakhwaya esesikuvuselela zibamba kangcono ziphumelele ngamalengiso nasezifundweni" kusaqhuba yena belu umaSithole-Moloi.

UNgqongqoshe umaSithole-Moloi uthi izikole ezifana noNkamana esise Vryhied

ngaphansi kwase Zululand ziwubufakazi balokho ukuthi zithi zenza kahle kwezemidlalo ziphinde zigile ezibukwayo ekuphumeleleni ngamalengiso ezifundweni.

UNgqongqoshe uphinde wagcizelala ukuthi njengoba iminyango ayiholayo isihola imikhankaso emibili ovezamasiko njalo ngoLwesine nowezemidlalo njalo ngoLwesihlanu, kusho ukuthi lemikhankaso isizongena nasezikoleni.

Owezemfundo uMnu Mthandeni Dlungwana uthi ezikoleni eziyisikhombisa okuvalwe ngehlahlala kuzo nyakenye, aziphazanyiswanga ezemidlalo nobuciko kodwa kube ezinye izinto.

UMnu Dlungwana uthi bafisa ukuthi okungenani isikole nesikole sibe namahora amabili esontweni esiwasebenzisa kwezemidlalo nezobuciko. Lesivumelwano esisayinelwe eThekwini phambi

kwezintatheli sinike ithuba oNgqongqoshe bobabili ukuthi bachazele abezindaba ukuthi izinsiza kusebenza zisolandela lapho kushoda khona kodwa izivumelwano sesiqalile vele ukusebenza.

Nezinhloko zeminyango yomithathu bezikhona kwavunyelwana ukuthi kuzophuma izincwadi ziye kothisha abakhulu zibazisa ukuthi ukuthi avulekile amasango ezemidlalo nezobuciko ezikoleni ngakho mabakhe izinhlelo ezizohambisana naso isivumelwano.

"Ngokwalesi sivumelwano kusho ukuthi sekulindeleke ukuthi zonke izikole zakulesifundazwe zivule iminyango ukuze ezemidlalo nezobuciko namasko zibe Yingxene yohlelo lokuthuthukisa amakhono nemiqondo yabafundi."

"Okusha ngalesivumelwano ukuthi sesifake nezobuciko namasko phakathi kanti ebésivele sikhona besigxile kwezemidlalo kuphela."



UBE YISASASA OWOKWETHULA NGOKUSEMTHETHWENI IZIKEBHE ZABAFUNDI ENKOVUKENI

Akukho mifula namadamu, kanye nezimo zemvelo ezisosivimba ukuthi sinike abantwana bethu imfundu evulelekile futhi esezingeni eliphezulu

SIHLE MLOTSHWA

UMnyango weZemfundu KwaZulu-Natali wethule ngokusemthethweni uhlelo lokunikezela ngezikebhe zokuthutha abafundi esibizwa ngama Ferry Boats. Lomcimbi obubanjelwe eNkovukeni, NgoLwesine zingu 20 ku April, kwisiFunda saseMkhanyakude, ubuholwa uMphathiswa weZemfundu KwaZulu-Natali, uMthandeni Dlungwana. Kwabanye ebebehambele lomcimbi bekubalwa INhloko yoMnyango, u Dkt Vusumuzi Nzama, iNkosi yesizwe sakwa Tembe, iMeya kaMaspala wase Mkhanyakude u Cllr uMkhombo, IMeya kaMaspala wakwa KwaMhlawayalingana u Cllr Mthethwa, u Deputy Director General, Unksz Judy Dlamini kanye nabaqondisi beziFunda (District Directors) ezizohlomula kuloluhlelo.

Ukuthulwa kwalezikibhe kungaphansi kohlelo IoMnyango weZemfundu lokuthutha abafundi olubizwa nge Learner Transport Programme.

Kuze kube yimanje uMnyango usuhlomulise abafundi abasondele ku 50 000 kuloluhlelo lokuthutha abafundi, kunjalo uMnyango usaqhubeke ngokusabalalisa loluhlelo kwabanye abafundi abanesidingo sezokuthuthwa kwabafundi.

Indawo yaseNkovukeni kanye nezinye zezindawo ezhlonziwe, ngeunzinye yezindawo okubonakale ukuthi zinesidindo ukuthi zihlomule kuloluhlelo. Kunjalo nezingane zaseNkovukeni kanye nezinye izingane zakwezinye izindawo esifundazweni, nazo kungezinye zeingane eziwela imifula kanye namadamu ukuze zifinyelele esikoleni ezifunda kuzo.

Ikhulumuma kuolcimbi, iNkosi yakwaTembe, ibonge yanconcoza eMnyangweni weZemfundu ngaloluhlelo lokunikezela ngezikebhe kulabantwana baseNkovukeni.

"Impela uMnyango weZemfundu KwaZulu-Natali usikhombisile ukuthi uzikhathalele izingane zethu futhi uyikhathalele nemfundo yazo," kubeka iNkosi uTembe.

IMaya yaseMkhanyakude u Cllr uMkhombo nayo ituse uMnyango ngaloluhlelo Iwalo.

"Impela uMnyango ukhombise ukuhambisana ne Freedom Charter ngesenso sawo sokuqinisekisa ukuthi iminyango yezemfundo ivuleke kuwo wonke umuntu," kubeka uMkhombo.



Abazali bezingane zakulendawo nabo bebengawuvali umlomo, beshaya izandla, bekikiza, bebonga uhulumeni ngesenso abasibize "ngesenzo sobantu".

Ngaloluhlelo uMnyango uthenge izikebhe eziyishiyagalombili kanti ezine sezikhona, kulindeleke ukuthi kulandele ezinye futhi ezine.

Loluhlelo Iuzoqala Iuhlomulise izikole ezine esifundazweni okubonakale ukuthi zinesidindo esikhulu saloluhlelo.

Izikole ezine ezaHlonzwu njengezinesidindo esiphuthumayo kubalwa I Enkovukeni Primary School (Umkhanyakude District), iHlengiwe Secondary School (uGu District), iLizwi Secondary School (iLembe District) kanye ne Nkonjane Secondary School (King Cetshwayo District).

UMphathiswa uDlungwana ubongele bonke abafundi kanye nezikole ezhlonulile kuloluhlelo.

"Ngonyaka ka 2014 uMnyango wenza ucwaningo ukuze uthole ukuthi zingaki izikole ezinesidindo zaloluhlelo.

Lolucwaningo Iwaveza ukuthi kwisiFundazwe sonke, zingu 181 izikole ezinabafundi abawela

imifula kanye namadamu uma beya ezikoleni.

Lokuthulwa kwaloluhlelo kugcwala lokho okwakushiwo kwi Freedom Charter ukuthi iminyango yezemfundo kumele ivuleke.

Ngeke siziqhenye sithi siletha imfundu esezingeni eliphezulu uma kusenabafundi abanezinselelo zokuwela imfula uma beya ezikoleni," kubeka uMphathiswa uDlungwana.

Ekhulumuma etendeni ebelligcweli phama, uMphathiswa uqhubekwethu wathi, "Okunye okwenziwa yiloluhlelo ukubuyisa isithunzi kubantwana bethu ngoba kwehlisa isithunzi ikakhulukazi kubafundi besifazane uma sekumele banyuse izingubo zabo zesikole ukuze bafike esikoleni besesimweni esamuakelekile.

Nizokhumbula ukuthi siwuMnyango sisandokwethula uhlelo lokunikela ngamaqekelo kubafundi bethu.

Konke lokhu sikwenza ukuze sivule iminyango yezemfundo futhi sibuyise isithuzi sabafundi bethu.

Akukho mifula namadamu, kanye nezimo zemvelo ezisosivimba ukuthi sinike abantwana bethu

imfundu evulelekile futhi esezingeni eliphezulu."

UMphathiswa uqhubekwethu wathi uzokhipha kwisikhwama esibizwa nge Ministerial Fund, athole isamba esingu R10 million, ukuqinisekisa ukuthi loluhlelo lokuthutha abafundi ngezikebhe luyasatshalalisa.

Omunye wabafundi baseNkovukeni, uSizani Vilane, ubonge uMnyango kanye noMphathiswa uDlungwana ngaloluhlelo.

"Siyabonga kakhulu kuMnyango wethu weZemfundu ngaloluhlelo, manje ngeke sisadlula ezingozini uma siya esikoleni," kubeka omunye wabafunda obeqhilika izihlathi futhi ehleka kuvele elomhlathi yinjabulo.

UMphathiswa uDlungwane uphethe lomcimbi ngokunkira isikole sase Nkovukeni izinsiza kufunda ezifana nama Compujectors kanye nokunye okuningi.

"Impela uMnyango weZemfundu KwaZulu-Natali usikhombisile ukuthi uzikhathalele izingane zethu futhi uyikhathalele nemfundo yazo," kubeka iNkosi uTembe."

"Siyabonga kakhulu kuMnyango wethu weZemfundu ngaloluhlelo, manje ngeke sisadlula ezingozini uma siya esikoleni."





UNgqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya, uMnuz Themba Mthembu ethula inkulomo yakhe unggungquetheleni ebise komkhulu loMnyango Cedara, eMgungundlovu. Isithombe: **MBUYISELO NDLOVU**

BEMBULWE INKUNGU NGAMABHIZINISI EZOLIMO

■ Ingqungquethela efana nalena iyingqayizivele kubalimi kanye nosomabhzinisi besifundazwe ekutheni bencele ulwazi lokuzithuthukisa bephinde benxuse noxhaso ukuze basimame.

SINDY MLOTSHWA

UmNyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali ububambe ingqungquethela ebizwa ngeAgri-B-BBEE mini summit ngenhloso yokukhuthaza abalimi ukuba basungule amabhizinisi abo nokubagquqquzelu ukuba basebenze ngokuzikhanda ukuze bachume kwezolimo.

Okunye ngale ngqungquethela ukusabalalisa ulwazi olunzulu kubalimi abamnyama mayelana nokusebenza kweB-BBEE okuwuhlelo lukaHulumeni okuhloswe ngalo ukufukula osomabhzinisi abamnyana kwezomnotho emikhakheni eyahukene njengoba babecindezelekile ngezikhathi zobandlululo.

Lengqungquethela ebisehholo i-Centenary eCedara, eMgungundlovu, ibe yimpumelelo enkulu njengoba abalimi

bekhombise ukuyenamela kakhulu njengoba ibachushisa ngokusimamisa amabhizinisi abo ezolimo.

Ibihanjelwe ngabalimi abavela ezindaweni ezihlukene zesifundazwe, Kanye neminye imiNyango kaHulumeni weSifundazwe nekaZwelonke.

Abalimi bahlomule kakhulu kulomhlangano wokucobelelana ngolwazi ngoba bathole ulwazi olukhulu ngohlelo Iwe B-BBEE futhi oluqondene nabo ngqo njengabalimi.

Inqungquethela efana nalena iyingqayizivele kubalimi kanye nosomabhzinisi besifundazwe ekutheni bencele ulwazi lokuzithuthukisa bephinde benxuse noxhaso ukuze basimame.

Lokhu kuvezwe yindlela abalimi abakhombise ngayo ukuyenamela njengoba iza nolwazi oluwusizo kubona.

Bathole namafomu ukuba bawagcwaliwe ukuze kuqiniseke

ukuthi amabhizinisi abo abesemthethweni futhi abhalisiwe ukuze bekwazi ukuthola usizo kuhulumeni kanye nokuhweba nohulumeni.

Abalimi abamnyama baphinde baxwayiswa ngokusetshenziswa kwabo ngongxiwankulu abamhlophe nokuyilapho lapho besebenzisa khona umuntu omnyama ukuthi kube sengathi nguyena ophethe ibhizinisi ukuze athole usizo kanti akulona elakhe.

Lesi senzo sibizwe njengecalca elibomvu kanti kubuye kwavezwa nokuthi owenza lokho uyowotha ubomvu njengoba eyobekana nengalo yomthetho okungaholela ekutheni abhadle nasejele iminyaka efinyelela kweyishumi, okungaba ngumuntu osetshenziswayo noma Iowo ocasha ngomunye.

UNgqongqoshe woMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya, uMnuz uThemba Mthembu,

udalule izinhlelo uMnyango wakhe onazo ekuthuthukiseni abalimi abampisholo.

UMvelase uphinde wagquqquzelu ukusebenza ngokubambisana ukuze kuphunywe nekhambi ekudaleni amathuba emisebenzi, kunqotshwe indlala Kanye nobubha.

"Ngiyafisa ukuthi uMnyango wethu usebenze ngokubambisana okuhle nani njengabalimi ukuze sizokwazi ukudala amathuba emisebenzi ngezolimo.

Ngiyathanda futhi nokuthi sigquqquzelane siphinde sitakulane njengabalimi bebalu elimnyama ukuze sisebenze ngempumelelo siphunde sithuthuke futhi kwezolimo," kusho uMthembu.

UMnuz, uJacob Maputha ophuma eMnyangweni wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha kanye nezeMvelo KwaZulu-Natali ukhuthaze abalimi, ikakhulukazi abesifazane kanye nentsha njengoba uMnyango wabo unazo izinhlelo zokubalekelela kwezamabhizinisi.

liphinde likwazi nokuzimela kwezomnotho, linganciki kwamanye amazwe ezintweni ezikhqizwayo okufanele ngabe siyakwazi ukuzikhqizela zona, okuyizinto ezifana nokudla.

UMaphutha uphinde wakhuthaza abalimi abamnyama ukuthi bejwayele ukuvakashela uMnyango wabo njengoba unazo izinhlelo zokubasiza ekuthuthukiseni amabhizinisi abo.

UNksz, uCebile Khanyile ophuma eMnyangweni wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha kanye nezeMvelo KwaZulu-Natali ukhuthaze abalimi, ikakhulukazi abesifazane kanye nentsha njengoba uMnyango wabo unazo izinhlelo zokubalekelela kwezamabhizinisi.

“Ngiyafisa ukuthi uMnyango wethu usebenze ngokubambisana okuhle nani njengabalimi ukuze sizokwazi ukudala amathuba emisebenzi ngezolimo.”

QAPHELA UMUTHI OWUSEBENZISAYO EZITSHALWENI NASEMFUYWENI

Kuhle umlimi akuqonde ukuthi ubungozi bobuthi isikhathi esiningi abusheshi ukubonakala, kodwa kwesinye isikhathi buyashesha, lokhu kuya ngezinga lobungozi bawo umuthi.

PHUMZANI NDLANGAMANDLA

Ukubaluleka Kokuphepha: ukuphepha kuhamba phambili kunoma ngubani osebenzisa imithi okanye amakhemikhali ezitshalweni nasemfuyweni yakhe.

Amakhemikhali asetshenziswa ezitshalweni nasemfuyweni anobuthi obunobungozi obuthile ebantwini, emfuywени aphinde alimaze nemvelo ngokwamazinga ahlukena obungozi obuqukethwe yileyo khemikhali okanye umuthi.

Ngokwemibiko edalulwe yisikhungo socwaningo soMnyango wezoLimo knokuThuthukiswa kwemiPhakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali esiseDundee, iveza ukuthi abanye abalimi ababunaki ubungozi bobuthi lapho besebenzisa imithi ezitshalweni nasemfuyweni yabo.

Imibiko ithi abalimi abazinakekeli bona kanye nemvelo yabo, ikakhulukazi lapho befutha izimila, benyanga okanye begoma imfuyo yabo, abagqoki ngendlela efanele ukuze bevikeleke ebuthini.

Eminye yalemithi iyangozi ngangokuthi ilimaza ngisho umhlabathi, kwesinye isikhathi ulimaze imfuyo lapho uthleka ekudleni kwayo.

Angiphathi-ke uma uke wakuthela, uyaqhube ka wona nokukulimaza ngaphakathi emzimbeni kodwa wena uzibone ulokhu ungumqemane kanti sekusele igobongo nje, ngaphakathi usukuqedile.

Ngakho-ke, kubalulekile ukuthi ulandele imiyalelo oyinikwa ngumeluleki wakho.

Izindlela Zokuphepha: Phakathi

kwezindlela ezingala abalimi abangazisebenzisa ukuze baphephe, kuyakhuthazwa ukuthi abalimi bafake izimfoyo ezimboza umlomo namakhala ukuze kugwemeke ukhogeleka komuthi, ukufaka okwasezandleni ukuze umlimi angathinti umuthi ngesandla, ukuggoka izivikela-mvula (raincoats) ukuze umuthi ungaluleli emzimbeni kanye nokufaka izicathulo ezivikela unyawo lonke.

Uma umlimi efutha efake emadadla ezinyaweni, makaqinisekise ukuthi ibhulukwe eliyisevikela-mvula akalifaki ngaphakathi kwamadadla ngoba uma umuthi wehla ngomlenze uyoze ufile onyaweni.

Ngakho-ke, ibhulukwe malihambe ngaphandle kwebhuzi ukuze kuvikeleke izinyawo.

Emva kweminyaka engahle icele emashumini amabili, aqale azibone

Qaphela Ukufutha Into

Ephezulu: Lokhu kungaholela ekutheni umuthi ubuye uez kuwe ebusseni, uhogelegele kalula, uphinde ulimaze namehlo.

Umuthi awugcini nje kuphela ngokuba yingoz i lapho ugwinylekile okanye uhogelegele kodwa uyingoz i ngisho nasesikhumbeni imbala, yingakho kukhuthazwa ukugqoka izivikela-mvula ukuze isikhumba singatheleki.

Kuhle umlimi akuqonde ukuthi ubungozi bobuthi isikhathi esiningi abusheshi ukubonakala, kodwa kwesinye isikhathi buyashesha, lokhu kuya ngezinga lobungozi bawo umuthi. Kuyenzeka umuntu achaphazeleke namuhla kodwa yena azibone elokhu ephilile kanti ubuthi buyawohloza ngaphakathi.

Isibonelo: uma ubeka umuthi wokhula eduze kowezinambuzane, kungenzeka owokhula ungene kulowo wezinambuzane ngomoya bese kuthi lapho umlimi eyofutha izinambuzane emifinweni yakhe, ivale ishe ngoba ifuthwa ngomuthi uxubene nowokhula.

esehlaselwa yizifo ezingavamile futhi angaziqondi njengokuvuvuka kwezibilini, ukudumba nokuqaqamba kwamalunga omzima, yinkinga yamehlo nokunye okuningi.

Imithi mayigcinwe kude nabantwana, ihlae egumbini layo yodwa eliqheli ezindlini ezhilala abantu. Igumbi elihlala imithi kufanele libe nezimbobo ukuze likwazi ukukhipha iphunga lomuthi.

Leyo esheshayo ukuthatha umlilo mayingahlali ngokulandelana kodwa mayihlukaniswe yileyo engasheshi ukuthatha ilangabi.

Lokhu kuvikela ukubhebhethaka ngokushesha komilo.

Imithi iyakwazi ukungena kweminye ngephunga okanye ngomoya, ngakho-ke, kubalulekile ukuthi leyo efana neyokhula uyiqhelise kweminye.

Ukulahla izigubhu/ izitsha ebeziphetha umuthi: Umuthi uyasalela ezigujini ebe ziwpuphethe, kumqoka ukuba zingabe zisasetshenziswa.

Ukulahla izigubhu/ izitsha ebeziphetha umuthi: Umuthi uyasalela ezigujini ebe ziwpuphethe, kumqoka ukuba zingabe zisasetshenziswa.

Kufaka amanzi okuphuza, awokugeza okanye okuwasha kuzo kuyingozi embi, akufanele ziphinde zisebenze noma ngabe yini.

Kufanele ziphindiselwe emuva lapho zathengwa khona ngoba bona bayakwazi ukuzilahla ngendlela ephephile.

Enye indlela ephephile yokuzilahla ukuthi uzibhoboze zibembobombobo bese uzilahla lapho kungefinyeleleke kalula okanye zifohloze bese uzigqiba emgodini ojulayo.

Ukuzibhoboza kusiza ekutheni uma kwenzeka kukhona osicoshayo lapho silahlwe khona, singamsizi ngalutho ngoba asisakwazi ukufaka amanzi.



Umlimi oyilunga le Tugela Irrigation Scheme, eMsinga efutha izinambuzane eklabishini lakhe. Isithombe: MBUYISELO NDLOVU



RAPE IS A CRIME

365 Days Anti-Women Abuse Campaign

UKUDLWENGULA KUYICALA

#NOCONSENTNOSEX



UKAUNDA UQINISE ITHEMBA EMPHAKATHINI WASEMPANGENI

NOSIPHO NXASANE noNONHLANHLA NDWANDWE

Nakuba kukhona imindenisi esale nosizi ngemeva kwamaholide ePhasika kulandela izingoz i zomgwaqo ezidlule bama lungu ayo, baningi abanye abakuthokozelile ukukhuthala kukaMnu Mxolisi Kaunda ophathiswe ezokuThutha lapha esifundazweni.

Kusuka ngaphambi kokuqala kwawo amaholide ngenkathi ethula izinhlelo zokuphepha zePhasika, uKaunda ubonakale ephuma engena ezindaweni ezahlukene ebheka ubugebengu abuye avuselele unembeza kubantu ngokuziphatha kahle emgwaqeni.

Uqale wahambela umgwaqo u-P700 oxhumanisa Ulundi neMpangeni ngaphansi kohlelo iSiyahlola, lapho ebeyohlola umsebenzi njengoba ukwakhwa kwawo sekuthathe isikhathi eside kungaphothulwa.

UKaunda ukhalaze kakhulu ngesikhathi eside esithathwe abakhi wabe esegcizelela ukuthi kumele ukwakhwa kwawo kube sekuphutholi ngasekupheleni kwalo nyaka mali ka-2017/18.

Ube esedlulela kwimvimbamgwaqo eNgwelezane lapho kumiswe khona izimoto ezibalela kwezingu-250 kwahlawulisa abashayeli abangu-63 ngamacala anhlobonhlobo okukhona phakathi

kwawo awokushayela bengaziphethe izincwadi, namanye amacala athinta izimoto kwase kwaboshwa abashayeli ababili abebeshayela bedle amponjwana.

Ngelanga lokwethulwa kohlelo lokuphepha ngamaholide kwimvimbamgwaqo ebiku-N2 ebrijini laseSikhale, kumiswe izimoto ezingu-482 kwahlawulisa izimoto ezingu-145 ngamacala ehlukene kwakhishwa amasamanisi ka-R10 250.

"Siqhuba le mikhangaso unyaka wonke hhayi nje ngoba kuyiPhasika kuphela. Sizogqugquzelza ezokuphepha mgwaqeni ukuthi yonke imigwaqo yethu ibe ngephephile.

Sesiqale nohlelo olusha futhi olubizwa ngokuthi yi-Safety Friday lapho sihambela imiphakathi ngemiphakathi senza izivimbamgwaqo njengoba sazi ukuthi izingoz ieziningi kanye nobugebengu obuningi benzeka ngezimpelasonto lapho abantu besuke bedle amponjwana," kusho uKaunda.

Uthe uMnyango uphume ngenkani ukuvala zonke izintuba zobugebengu, wathi bazobheka ikakhulukazi kulabo bashayeli abangayigcini imithetho yomgwaqo.

Ugcizelele ukuthi uma wonke umuntu ebamba iqhaza



UMphathiswa uMnu Mxolisi Kaunda esemshikashikeni wokulwa nobugebengu lapho ebeyobheka ukusebenza kwendawo yokucima ukoma eNgwelezane. Isithombe: **ZINGISA HLATHI**

emshikashikeni wokulwa nesihlava sezingozi, mukhulu umehluko ongabonakala emigwaqeni yesifundazwe.

"Inkinga ukuthi lezi zingozi zisihlwitha abantu ababalulekile emphakathini nasemindenini yabo abebezobamba iqhaza elikhulu emnothweni.

Kumele sihlale siqinisekisa ukuthi abantu bahlale bephephile njalo uma besebenzisa umgwaqo, lokhu okuzokwenzaka uma sonke sivuma ukusebenziana," kunxusa uKaunda.

Ubuye wahambela izinkampani zamabhasi aseMpangeni iSihlangene neKhwezi lapho ebeyohlola ukuthi amabhasi akhona asesimweni esigculisayo yini ukuthutha abantu ikakhulukazi njengoba bebezobabelele izindawo ngezindawo ukuyodumisa. Nokho ugcilisekile indlela awafice esesimweni ebisiyiso wabe esenxusa ukuthi agcinwe ekulesi simo hhayi ngoba kuyilesi sikhathi kuphela.

Ngesikhathi edlulela KwaDlangezwa Satellite Police

Station, uMphathiswa uKaunda uthole ukuthi njengoba lesi siteshi singasesikhungweni semfundo ephakeme Ongoye, amacala amanangi avulwa kulesi siteshi awokuphucwa kwabafundi ama lap-tops wethembisa ukuthi udaba azolisukumela lolu.

Ube esethembisa futhi nokubheka udaba lokuvalwa kwezindawo zokucima ukoma eziseduze kwezikole nathole ukuthi ziduma kuze kuse wathi uHulumeni uzongenelela ekupalweni kokusebenza kwavo.

Umyalezo wokuphepha emgwaqeni ezinkonzweni zePhasika



Abaholi bezopolitiki bebehume ngobuningi behambele inkonzo yePhasika ebihlelw iDiakonia Council of Churches eDurban Exhibition Centre eThekwini. Isithombe: **THAMI MKHULISA**

Inkinga ngalezi zingozi zidlula nemiphefumulo yabantu ikakhulukazi abasebasha abawumgogodla womnotho wezwe.

Emizamweni eminingi eyenziwa uMnyango ukunciphisa lesi sihlava, sibone kungcono ukuthi kesicelle uMdali ukuthi angenelele kule nkinga ekhungethe imigwaqo

yesifundazwe sonkana," kusho uKaunda.

Unxuse abebehambele le micimbi ukuthi bahlale beqikelele njalo ukuthi bahlale bephephile

sikhathi sonke wathi, ukuphepha emgwaqeni kungumsebenzi wawona wonke umuntu osebenzisa umgwaqo.

“Yizindawo ezinjengalezi okumele sakhe ubudlelwano nazo ukuze umyalezo ukwazi ukuthi ufinyelele kalula ngisho nasemakhaya.”





UNgqongqoshe woMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali, uMnuz uThemba Mthembu ngesikhathi etshala isihlahla sezithelo emndenini wakwaNgcobo obhekwe yizingane. Isithombe: **MBUYISELO NDLOVU**

UMNYANGO UGQUQQUZELA UKULIMA NGEZIKHATHI ZONKE ZONYAKA

■ Uma abalimi bengalimi ngezikhathi ezithile zonyaka, lokho kusho ukuthi kunezikhathi ezithile lapho abantu bakulesi sifundazwe bengakwazi ukufinyelela ekudleni okwanele.

BRENDA MQWAMBI

Kukhuthazwa abalimi ukuba balime ngezikhathi zonke onyakeni, kungabi khona lapho kuzotholakala ukuthi kunesikhathi lapho bengalimi khona.

Lokhu kuvezwe nguMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali oholwa nguNgqongqoshe wawo uMnuz uThemba Mthembu emikhankasweni yayo eyahlukene lapho uhambela imiphakathi eyahlukahlukene esifundazweni.

UMnyango ugquqquzela abalimi ukuba batshale ngokushintshasintsha izitshalo unyaka wonke ngokubheka ukuthi yiziphi izitshalo ezhambisana naleso sikhathi sonyaka ukuze abantu bekwazi ukuthola ukudla okwanele unyaka wonke.

Njengoba uMnyango uzimisele ekutheni usize abalimi ngezimbewu kanye nezinsiza kusebenza ezifana nogandaganda ekutheni abantu bakwazi ukulima, lokhu ukwenza ngenhloso yokuxosha ikathi eziko uphinde uqinisekise ukuba khona kokudla okunomsoco emiphakathini.

UNgqongqoshe uMthembu uthe uMnyango wakhe usebenza ngokuzikhanda ekulekeleleni abalimi. "Sizimisele ukunisiza ngayo yonke indlela lapho nidinga khona usizo.

Akukho umNyango ongeke ukwazi ukunisiza ngakho uma nizimisele ngokuba nibe ngabalimi abaya phambili," kusho uMthembu.

Ehuba uMvelase uthe akufanele abantu bakulesi sifundazwe behlale bengalimi ngenxa yokuthi abanazo izinsiza kusebenza, lokho

kungenza ukuba iKwaZulu-Natali yehlefwe yimikhiqizo yokudla ngokunjalo nomnotho kwandise indlala ebantwini.

"Uma abalimi bengalimi ngezikhathi ezithile zonyaka, lokho kusho ukuthi kunezikhathi ezithile lapho abantu bakulesi sifundazwe bengakwazi ukufinyelela ekudleni okwanele.

Lokhu kungaholela nasekwenyukeni kwentengo yokudla. Ngakho-ke siwuMnyango asizimisele nakancane ekutheni kube khona lapho uthola kunabalimi abangakwazi ukulima ngenxa yokungatholi uxhaso eMnyangweni," kuchaza uMnuz uMthembu.

UNgqongqoshe uMthembu uthi uMnyango wakhe unezinhlalo eziningi zokulwa nendlala kuphinde kuqinisekisa ukubakhona

kokudla. Echaza kabanzi uMvelase uthe ukufaka ukudla emlomyeni akusho ukuthi uyakwazi ukufinyelela ekudleni okwanele, kodwa makube ukudla okunomsoco ngoba yiwona onika ingqondo nomzimba amandla.

Phakathi kwezinhlelo uMnyango onazo ekulweni nedlala, yilolu oselubaluliwe ngenhla lokulima izikhathi zonke zonyaka, olokuthi umuzi nomuzi ube nesihlahla okungenani esisodwa sezithelo,

umuzi nomuzi ube nehektha okungenali ellodwa, umuzi nomuzi ube nesivande nokuthi isikole nesikole sibe nesivande.

UNksz uThandeka Nkosi ovela ophikweni oluqinisekisa ukubakhona kokudla, uthe imikhankaso efana nalena yiyona ezoqinisekisa ukuba khona kokudla okwanele nokunomsoco

eSifundazweni. UNkosi ubuye wanxusa abasebenzela uMnyango ukuba babe isibonelo esihle emiphakathini ngokuba nabo babe nezitshalo lapho behlala khona futhi babe ngamanxusa oMnyango ekutheni lapho behamba khona bakhuthaze abantu ukuba batshale okanye bafuye ukuze bezokwazi ukuziphilisa nemindeni yabo.

UNgqongqoshe uMthembu enkulumeni yakhe ekhuthaza ezolimo, uthe ayikho indlela elula yokuxosha ikati eziko efana nokuzitshalela nokufuya, lokho kungenza ukuthi umlimi agcine esengusomabhizinisi futhi akwazi nokudala amathuba amanini emisebenzi.



SIYAQHUBA!

sisemkhankasweni **wokuguqula**
izimpilo zabantu

BABONGE UMNAYANGO WEZOLIMO NGOKUBESEKA ABALIMI BASE GREYTOWN

Uyathokozisa umsebenzi owenziwa ngabalimi bakulendawo ikakhulukazi i-Ophathe Community Project njengoba itshale amahektha angu-200 abhontshisi obukeka uzoba nesivuno esihle.

LONDIWE NGIDI

Umphakathi wasoPhathe esigodini esiphethwe yiNkosi uMchunu eGreytown, uphume ngobuningi bawo ukuzothamela izinkulomo ebeziqondene nokukhulisa ulwazi kubalimi bakulendawo.

Lomcimbi obuhlelwwe yihhovisi laseGreytown IoMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya, ububanjelwe OPhathe Primary School.

Lomcimbi uvulwe ngamazwi anoju kaNgqongqoshe waloMnyango uMnuz uThemba Mthembu athi, "EzoLimo zinehlosu yokuqinisekisa ukuthi kunokudla okunomsoco, ukugququzela ukutshala ngezikhathi zonke zonyaka, ukudlondlobalisa umnotho, ukudala amathuba emisebenzi nokuqedu indlala eSifundazweni sonke sakwaZulu-Natali," kusho uMthembu.

UNksz Nokulunga Mchunu okhulumela ubukhosu bendlu yasemaChunwini uncome ukusebenza ngokuzikhanda kwabali abakhele lendawo.

"Uyathokozisa umsebenzi owenziwa ngabalimi bakulendawo ikakhulukazi i-Ophathe Community Project njengoba itshale amahektha angu-200 abhontshisi obukeka uzoba nesivuno esihle.

Basebenza ngokuzimisela nokuzikhanda futhi lokhu kubuye kuhlomulise imindeni eminingi njengoba kudaleka namthuba omsebenzi emphakathini," kusho uNksz uMchunu obuye wafundisa abalimi ngezindlela zokubona inhlabathi evundile nelungele ukukhiquiza ukudla okuphilayo.

Uthe lenhlabathi ibonakala

ngokuthi kuhlale izilwane ezifana nomsundu. Umsundu udla umhlabathi, usize uyikuvukuza ukuze ithambe ilungele ukuthi kutshalwe iphindie ibe nomswakama omningi.

UMnuz Sosiba ongusihlalo we-Ophathe community Project uncome kakhulu usizo abaluthola eMnyangweni njengoba uhlinzeka nangabeluleki abasiza ukubacobelela ngolwazi.

"Leprojekthi yasungulwa ngonyaka ka2015 kodwa indlela ethuthuka ngayo usungathi kade yaba khona.

Sibonga singaphezi kuMnyango njengoba usisize kakhulu ngezinsiza kusebenza kanye nemali yokuqala nokuqhuba lomsebenzi.

Kuhle ngikubeke kucace ukuthi besingeke sikhazi ukuwuqhuba lomsebenzi sodwa ngaphandle kosizo IoMnyango njengoba ubuye usihlinzeke nangomeluleki odlala indima enkulu ukusichobelela ngolwazi," kwenaba uMnuz uSosiba.

UNkkz uGcina Mkhwanazi ovela ekolishi lezolimo i-Owen Sithole eliseMpangeni enyakatho-mpumalanga yeKwaZulu-Natali egeqa amagula uthe kubalulekile ukuthi abalimi babone ukulima njengebhizini.

"Kulele kumlimi ukuthi ulindele inzuko engakanani ngomkhiqizo wakhe. Umlimi kumele ahleleke azazi ukuthi utsuala ini ngasikhathi sini, ashintshe izitshalo zakhe zikwezhkhathi nzonyaka.

Ukulima-ke akusiyo into ongayithatha kancane, uma uzimisela ngakho kungakubeka kwelenyoni," kusho uMkhwanazi obalule nokubaluleka kokuthi

abalimi bawazi umhlabathi abazowusebenza, bahambise amasampula ukuze uhlolwe umhlabathi ngaphambi kokuthi bawusebenzise.

UMnuz Reggie Mchunu oqhamuka kwaPannar ufundise abalimi ukuthi izitshalo ziyadla futhi ziypahfumula.


UMacingwane utha abalimi kumele bazibuze lemibuzo ngaphambi kokuba batshale imbewu, "Ithela kangakanani imbewu yakho, iyakwazi ukumelana nezifo na?"

Uqinise nezwi lokuthi abalimi kumele baqikelele ukuthi balususe ukhula ngoba luqedela izitshalo umsoco.

Abalimi babuye bahlomula ngolwazi lokugcina amabhku njengoba kungasiza ekutheni umlimi akwazi ukubona inqubekela phambili, ukuhathanisa izikhathi zonyaka, ukubona izindleko nenzuso, ukwazi ukuthi uzodayisela bani, ngamalini neminingwane yamakhasimende akhe.

Bakhuthazwe nangokubaluleka kokugcina ubudlelwano obuhle phakathi kwabo nezimakhetha zakhe. UMnuz Zwelinkosi Buthelezi oqhamuka eMooi Draai utha ukuze uphumelele kwezoLimo kubalulekile ukuba nothando lomsebenzi owenzayo, kudingeka isibindi, ukucobelelana ngolwazi nokukhuthala.

UShenge ubuye wazibhophezelu ekutheni uzimisele ukusiza i-Ophathe Community Project ukuze izibone iphumelela kwezolimo.



UNggongqoshe woMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali, uMnuz Themba Mthembu

NGISEBENZA NGOBUQOTHO NOMA NGINGALUSIWE

SERVICE DELIVERY HOTLINE

0800 596 596

To be the centre of governance, providing leadership towards achieving **KZN Vision 2035**

